# *Ukukholwa Okuvivinyiweyo Kuveza Izithelo*

Asibe silokhu simile uma nithanda, okomzuzwana nje ngomkhuleko. Ningawakhothamisa amakhanda enu manje sisahlangana noMqambi ngaphambi kokuba sifunde iNcwadi yaKhe na?

2 O Nkulunkulu, siza eBukhoneni baKho futhi kulobubusuku nokubonga ezinhliziyweni zethu. Futhi siyaKubonga ngakho konke amehlo ethu akubonile nezindlebe zethu ezikuzwile: omkhulu, onamandla, uNkulunkulu ophilayo Ezazisa emadodaneni omuntu ngalolusuku, ngaphambi nje kokufika kukaJesu emzimbeni wenyama. Futhi lapho siMbona siyoMthanda, futhi sihlwithelwe emoyeni naYe ukuhlangabeza iNkosi, futhi sibe naYe kuze kube phakade. Lokho ngukulindela okukhulu kwezinhliziyo zethu njengoba silinda nsuku zonke, sikhuleka, silangazelela, sisebenza, kuze kube ukushona kwelanga.

3 Futhi, Nkosi, njengoba si, kulobubusuku, sibuthene lapha kulesisakhiwo ngokuhlwa kwesabatha, sizocela ukuthi Uzosinika isibusiso esikhethekile kulobubusuku, ukuthi Uzothumela iziNgelosi ezivela eZulwini ukuze zikwazi ukuthatha izikhundla zazo kuzo zonke izikhala zezihlalo nazozonke izinhla. Futhi kwangathi bangakhonzisa iZwi laKho, Nkosi, ezinhliziyweni zabantu. Soka izindlebe ukuze zizwe, soka izindebe eziyakukhuluma, bese kuthi-ke, Nkosi, usoke amehlo azakubuka, futhi usinike ukukholwa okugqamile ukuthi amandla amakhulu kaNkulunkulu ophilayo angasebenza ngendluzula ngathi kulobubusuku. Futhi kwangathi kungebebikho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwethu, ngokomoya noma ngokomzimba, lapho lenkonzo izakuphela khona.

4 O Nkosi, siphe lezizinto ngoba siyaKuthanda, futhi siyathanda ukukhonza Wena, nokudumisa Wena phakathi kwabantu baKho. Sinempokophelo eyodwa, Nkosi, lokho ngukukhonza Wena, injongo eyodwa: ngukukwenza ngendlela Obuyothanda ukuba sikwenze ngayo. Ngakho siphe uMoya oNgcwele waKho ngalezizinto. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

5 Izimemezelo ezimbalwa impela nje, nokuphuthuma ngqo enkonzweni, ngenxa ya, noma, umlayezo, ngenxa yabaningi abamile. Kusasa ebusuku, uma iNkosi ithanda, sifisa ukuba nomlayezo weVangeli wenu, nendaba izothi:

*UMnqobi Onamandla*. Bese kuthi-ke ngoLwesibili ebusuku, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngokuthi: *Lapho Ukhozi Luhlakaza Isidleke Salo Futhi Lufukamela Phezu Kwamachwane Alo*. Bese kuthi-ke ngoLwesithathu ebusuku silindele ukuba novuthondaba olukhulu enkonzweni, futhi sikhulekela ukuthi ngesinye isikhathi ngalendlela, ukuthi kukhona okuzokwenzeka kubantu okuyokokhela ngomlilo izinhliziyo zabo ngoNkulunkulu, ukuthi imvuselelo eyifeshini endala izoqubuka eNew England.

6 Kuzanyiwe eWest Coast, kuzanyiwe eMpumalanga Emaphakathi, kuzanyiwe eNingizimu, kodwa kubonakala sengathi ukuthi lena yindawo yethu yokugcina ukuzama, eNew England. Lapha yilapho okhokho bethu behlela khona ngenxa yalenkululeko yenkolo ePlymouth Rock, kwakukulemihlabathi engcwele lapha lapho abesilisa nabesifazane abakhulekayo baphuma khona ukusungula lomnotho omkhulu wokomoya esinenhlanhla yokuwukhonzisa namhlanje. Akekho umMelika obengaba namahloni ngokhokho babo abehlela kulelizwe, ababeya esontweni bethwele izibhamu, abeza lapha ngenkululeko yenkolo, bahamba besemhlane wehhashi, bembozwe yizinqola ezindala, balwa namaNdiya, kanjalonjalo, ukuba bakwazi ukuya esontweni, lawomagazi ageza lomhlabathi. Uma sizobaqotho futhi sikholwe kuNkulunkulu ababekholelwa kuye, futhi siMkhonze ngenhlonipho yokuzithoba efanayo abaMkhonza ngayo, sizobona imvuselelo futhi, futhi ngikholwa ukuthi izoqala eNew England. UNkulunkulu uyavuma ukukwenza uma sivuma ukukuthwala.

7 Manje sizakuphenya emiBhalweni ukuba sifunde okwendikimba encane nje ukuthola ingqikithi, uMarku oNgcwele isahluko se 11 nevesi lama 22, ivesi elilodwa nje lomBhalo.

> *UJesu waphendula* wathi *kubo, Kholwani nguNkulunkulu.*

8 Ngifisa ukuthatha lokho kube yindikimba kulobubusuku: "Yiba nokuKholwa KuNkulunkulu." Nendaba izoba yile: ukuthi *Ukukholwa Okuvivinyiweyo Kuveza Izithelo*.

9 Futhi manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, okomhlangano, futhi lapha lapho abantu abangamakhulu amaningana bebuthene khona, awucabangi yini ukuthi ufunde okuncane kakhulu kwendikimba ngobungako balezizethameli kulobubusuku, amazwi amane nje, 'Yiba nokukholwa kuNkulunkulu'?"

10 Qhabo, lokho kuningi kakhulu, lokho kwanele. Uma nje sizokukholwa esikufundile futhi sisebenzele phezu okufanayo, kwanele ukuguqula umhlaba wonke, kwanele ukuphulukisa wonke umuntu ogulayo ogulayo emhlabeni

wonke kulobubusuku: "Yiba nokukholwa kuNkulunkulu." Kungukuxolelwa kubo bonke labo abafuna ukuxolelwa; kodwa uma kufanele kube ukuxolelwa, kufanele kwemukelwe njengokuxolelwa.

11 Esikhathini esithize esedlule, noma, eminyakeni embalwa edlule ezinsukwini zasekuqaleni zeMelika yethu esencane, ngitshelwa ukuthi kwakukhona indoda eyenza icala lezempi, futhi yatholakala inecala futhi yagwetshwa ukuba idutshulwe yiqembu labadubuli ezinsukwini *eziningi kangako*. Kodwa indoda elungileyo eyayijwayelene nomongameli, ngikholwa ukuthi kunguLincoln ngalesosikhathi, baya kuMnu. Lincoln futhi banxusa impilo yalendoda ethandekayo, bethi, "Mnu. Lincoln, mhlawumbe yenze icala, kodwa wena unamandla okuyikhulula, noma amandla okuyibulala." Futhi bathi, "Iyisidalwa esisazokufa, yakhuliswa ekhaya elilungileyo. Awuyiniki ngani ithuba na?"

12 NoMnu. Lincoln, onenhliziyo enomusa, ophanayo, umnumzane ohloniphekile ongumKristu njengoba wayenjalo, wathi, "Ngizokwenza lokho." Futhi wabhala esiqeshini esincane sephepha, "Uxolelwe *S'bani-bani*. Abraham Lincoln."

13 Nendoda yaphuthuma ngokukhulu ukushesha ngakho konke iya esiboshweni, yayisithi, "Mnumzane, nginokuxolelwa kwakho!" Yase ikubeka phambi kwaso.

"O," sathi, "lokho akusikho ukuxolelwa, leso yisiqephu sephepha nje."

Kodwa yathi, "Ngukuxolelwa kwakho, kukhona igama likaMnu. Lincoln kuso, futhi ungumongameli wase-United States."

Sathi, "Uma bekuyiphepha likaMnu. Lincoln elifanele, beliyoba negolide emaphethelweni alo, beliyoba nophawu, nokunye nokunye."

Yathi, "Kodwa mnumzane, leyo yisayini kamongameli!"

14 Futhi sala ukukwemukela, sacabanga ukuthi umfo wayenza impilo ibe lusizi kakhulu. Futhi ngokusa okulandelayo sadutshulwa ekuphumeni kwelanga. Kwase kuthi-ke kwaba nesimemezelo esisayiniwe esivela kumongameli wase-United States ukuthi lendoda yaxolelwa ngakuthangi, futhi nansi yadutshulwa. Manje ini na? Kwaqulwa—qulwa ezinkantolo zamazwe ezwe lakithi, futhi kwakuyilesisinqumo sabo: "Ukuxolelwa akusikho ukuxolelwa, ngaphandle kokuthi kwemukelwe njengokuxolelwa."

15 Futhi yilokho lonke iZwi likaNkulunkulu eliyikho, Liyinsindiso kulabo abaLemukela ngaleyondlela, futhi Lingukuphulukiswa kulabo abaLemukelayo njengokuphulukiswa. Ngamagama amancane amahlanu nje,

kodwa kusho ukuthini na? "Yiba nokukholwa kuNkulunkulu," noma, izinhlamvu ezine ezincane, amagama.

16 Indaba encane eyayihlala njalo ingishaya evelele kakhulu, kwakungumfanyana engangimazi eLouisville, eKentucky. Ngoluny'usuku wayephezulu ekamelweni elidala elingaphansi kophahla efunisisa ezintweni zenani ezindala, futhi lapho wathola etrankini isitembu esincane sokuposa nje cishe isikwele esinguhhafu weyintshi, sase siphenduke sabaphuzi, iphepha lalingelihle. Kodwa umfo omncane wacabanga, "Uyazi, ngingahle ngithole uzuka ngalokho ukuze ngithole ikhoni ka-ayisikhilimu."

17 Ngakho washo wehla ngesitaladi waya kumqoqi wezitembu, wayesethi, "Mnumzane, uzonginika malini ngalesisitembu na?"

18 Umqoqi wabeka ingilazi kuso, wathi, "Ngizokunika idola eliyiphepha." Ngokushesha ukuhwebelana kwenziwa, nomfo omncane ephuthuma esitendeni sika-ayisikhilimu ukuba athole wonke u-ayisikhilimu ayengawubamba.

19 Nomqoqi wezitembu wathengisa lesositembu emavikini amabili kamuva ngamadola angamakhulu amahlanu, kamuvanyana sathengiswa ngamadola ayizinkulungwane ezinhlanu, ngigcina ukuzwa ngesitembu, sibiza ikota yesigidi samadola. Kwakungesilo iphepha, kwakungesiwo usayizi, yilokho okusephepheni okubalulekile.

20 Futhi akusiwo usayizi wendikimba engiyifundile, kanjalo akusilo iphepha ebhalwe kulo, kuyiLokho engikufundile, LiyiZwi likaNkulunkulu oPhakade. AmaZulu nomhlaba angeke kusabakhona, kodwa leloZwi lizohlala kuyo yonke iminyaka nasePhakadeni, Alisoze laguquka, LiyiZwi likaNkulunkulu; futhi asisondele kuLo ngenhlonipho yokuzithoba nje njengoba sazi ukuthi kanjani.

21 UJesu ethi, "Yiba nokukholwa kuNkulunkulu." INcwadi yamaHeberu, isahluko 11 yasho ukuthi ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, nobufakazi bezinto ezingabonwayo. Manje khumbulani, akusiwo nje umqondo wobuhlakani wento ethize, ngukuqiniseka, yinto onayo.

22 (Woza lapha umzuzu nje, mnumzane.) Bangaki abake bezwa isisho esidala, "Ukubona kungukukholwa"? Ngifuna ukunikhombisa ukuthi lokho kungubuwula kanjani. Kunemizwa emihlanu elawula umzimba womuntu: ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa. Siyazi ukuthi lokho kunjalo. Manje, wonke umuntu ubeka ithemba elikhulu kakhulu kulokho abakubonayo, kodwa lokho akulungile nje ncamashi.

23 Ngibuka indoda emi phambi kwami, inde kunami, futhi ibanzi kakhudlwana impela kunami. Igqoke isudu emnyama enezimbali ezincane—ezincane njengakuthayi wayo. Bangaki okholwayo ukuthi lelo yiqiniso na? Ngoba niyakubona.

24 (Yima emva kwami. Ngifuna izandla zakho.) Manje angiyiboni leyondoda, kodwa nokho ngiyazi ukuthi ikhona. Ubungathanda ukuphikisana nami na? [Ibandla liyahleka—Umhl.] Ngazi kanjani na? Akunakwenzeka kimi ukuba ngiyibone. Kodwa nginomunye umuzwa, lowomuzwa ngukuthinta, ngiyizwile manje; angikwazi ukuyibona. Yindoda efanayo ngoba ibinewashi lasesihlakaleni eliyindingilizi engalweni yayo yangakwesokunxele ngenkathi yenyukela lapha. Ngakho yindoda efanayo, umuzwa wami wokuthinta uyimemezela nje njengoba nje ukubona kwami bekuyoba njalo, khona-ke ukubona akusikho ukukholwa, ukuthinta kungukukholwa manje. (Manje hlehla umzuzwana nje.) Manje angikwazi ukuyithinta manje, kodwa ukubona kungukukholwa. Manje ukuthinta kungukukholwa. Niyawubona umehluko na? (Ngiyabonga, mnumzane.)

25 (Dlala indlela, into ethize ejwayelekile.) Bangaki okholwayo ukuthi umculo uyadlala na? Phakamisa isandla sakho. Manje yehlisa isandla sakho. (Ngiyabonga.) Bangaki abakubonile na? Bengicabanga ukuthi ukubona bekungukukholwa. [Ibandla liyahleka—Umhl.] Ngalesisikhathi angikuboni, kanjalo angikuthinti, kodwa nokho nginomuzwa wokuzwa, ukuzwa kusho njalo.

26 Manje, *lelo*yembe limhlophe. Futhi wonke umuntu lapha ongeyena ongakwazi ukubona umbala uyazi ukuthi limhlophe. Ukukholwa kuyini na? Ukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi obubonakalayo bezinto ongaziboni, uzinambithe, uzithinte, uzihogele, noma uzizwe. Ngomunye umuzwa, obizwa ngokuthi ukukholwa. Imizwa yomzimba imemezela imizwa emibili, umphefumulo umemezela-. . ., ngiqonde, emihlanu, umphefumulo umemezela okubili: ukukholwa nokungakholwa.

27 Manje, uma ukukholwa kwakho kuthi, kulobubusuku, ukuthi uzophulukiswa, futhi uyakwazi nokukholwa kwakho kuyakumemezela, ngokufanayo nje njengoba ukubona kwakho kusho ukuthi lokho kumhlophe, sekuphelile. Ukutholile. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? "Kungubufakazi bezinto ezingabonwayo." Abantu abanokukholwa abesabi. Kuthiwa amagwala afa ukufa okuyizinkulungwane eziyishumi, lapho iqhawe lingafi neze: umuntu onokukholwa futhi uyakholwa.

28 Manje, uma ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto, kunjengalokhu nje: Ukuba-ke ngimile, ngibulawa yindlala, bese uza kimi bese uthi, "Mnu. Branham, bengingenzani ukusindisa impilo yakho na?"

Bengiyothi, "Ukuba benginolofu owodwa wesinkwa, impilo yami ibiyosindiswa."

Ubuyothi, "Kulungile, Mnu. Branham, ulofu wesinkwa ubiza amasente angamashumi amabili-nanhlanu."

"Yebo, mnumzane."

"*Nanka* amasente akho angamashumi amabili-nanhlanu."

29 Manje, amasente angamashumi amabili-nanhlanu akusiso isinkwa, kodwa ngamandla okuthenga isinkwa. Futhi kuthi nje ngingathola amasenti angamashumi amabili-nanhlanu ezandleni zami, ngingajabula nje impela ngempilo yami isindisiwe, njengoba bengingakwenza ngidla isinkwa, ngoba nginamandla okuthenga ulofu wesinkwa.

30 Futhi lapho ukholwa ukuthi uNkulunkulu wathumela uJesu ukuba akuphulukise futhi ukwamukele, ujabule nje ngaphambi kokuba uyeke ukulimala, njengoba unjalo emva kokuba wena, ngiqonde ukuthi, ujabule nje ngenkathi unobuhlungu futhi uzwa ubuhlungu, njengoba unjalo emva kokuba uyeka ukulimala, kakhulu kanjalo.

31 Ukuba benginamasente angamashumi amabili-nanhlanu, bekungeke kusho ukuthi nginesinkwa, kodwa ngiyazi inqobo nje uma ngifika esitolo segrosa, ngizothola isinkwa. Manje, ngingahle ngihambe isikhathi eside, ngingahle ngidingeke ukuba ngihambe ngidabule eziqintini ezinameva, na—nangaphezu kwamasango, futhi—futhi ngehle ngale ngaphesheya kwezintaba, nasezigodini, kodwa ngaso sonke isikhathi ngiyathokoza, ngibambe amasente angamashumi amabili-nanhlanu ami, ngizosithola isinkwa ngoba nginamandla okuthenga.

32 Manje, kuyilokho-ke ukukholwa. Ukukholwa kuyinto ongayikhombisa futhi ufakazise ukuthi unayo. Akusiwo nje umqondo wokucabangela osetshenziwe e—esimweni sengqondo, kuyinto ethize onayo ikuwe. Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto ongaziboni, uzinambithe, uzithinte, uzihogele, uzizwe.

33 Manje, izikhathi eziningi. . . Uma kwakukhona noma ubani owayefanele ahlonyiswe ukuba abe nokukholwa yisifundiswa esikhulu seBhayibheli, umuntu othile ofunde iBhayibheli, wafundisa iBhayibheli, lowo ufanele abe ngumuntu onokukholwa, kodwa ngezinye izikhathi kuphambene kakhulu impela. Ngibone emsamo abantu abangcwelisiwe ababephila impilo enhle, behamba phambi kukaNkulunkulu, bahambe banqamule emsamo futhi bangaphulukiswa, nesifebe sibalandele futhi siphulukiswe.

34 UNkulunkulu akakuphulukisi phezu kokufaneleka kwensindiso yakho, Ukuphulukisa phezu kokufaneleka kokukholwa kwakho, ufanele uMkholwe. Ngoba umKristu ngezinye izikhathi ucabanga ukuthi uNkulunkulu uyabakweleta, ukuthi "Ngingumuntu olungileyo, ngenze *ukuthi-nokuthi*," lapho uthola lokho emqondweni wakho, awusoze wathola lutho kuNkulunkulu, uze ukukhiphe

emqondweni wakho. Wena ukweleta uNkulunkulu, hhayi uNkulunkulu ekweleta wena.

35 Futhi qaphelani, asibize imiBhalo embalwa manje, noma, abalingiswa ukuba basekele lento encane nje esiyishilo. Ngesinye isikhathi u-Israyeli wayesempini namaFilisti, nalelibutho lamaFilisti lalibuthene ngakolunye uhlangothi lwentaba, no-Israyeli wayebuthene ngakolunye uhlangothi, lapho kwashiya isigodi phakathi kwabo. Futhi njengesitha nje, lapho sicabanga ukuthi sinesandla esiphezu kwakho, khona-ke singabukisa. Kodwa ake angene ekhoneni kanye!

36 Manje, babenesikhulu kakhulu, cishe impela isiqhwaga sangaphambi komlando phakathi kwabo, negama laso kwakunguGoliyati; iminwe yakhe yayingama intshi ayishumi-nane ubude, nomkhonto wakhe wawunjengenalithi yomaluki, mhlampe umude ngangohhafu walelihholo. Futhi bukani ukuthi wayengumfo omkhulukazi, umfo omkhulu kanjani. Ngakho ngifuna niqaphele ukuthi ukungakholwa kungaba nobuqili kanjani, washo ngalendlela: "Banumzane abahloniphekile bakwa-Israyeli, kungani kufanele sibe nokuchitheka kwegazi na? Kungani kufanele kube nezinto ezinjalo njengokuthi sonke sinqunywa na? Masenze isivumelwano nani: Nina zikhetheleni indoda bese niyithumela ngapha, uma ingibulala, sizonikhonza; uma ngiyibulala, nina khonzani thina." Impela, isandla esiphezulu, isiqhwaga esikhulukazi, niyazi, esisodwa esine Ph.D., uL. ophindwe kabili no D. O, wayelungiswa kahle ngempela futhi elungele, futhi wenza leyonselelo.

37 Njenganamhlanje nje bazame ukuletha uKristu ezizweni ngemfundo, ngemiphakathi engcono, ngamaYMCA, kanjalonjalo. Lezozinto zilungile, zinendawo yazo, kodwa akusoze kwathatha indawo kaMoya oNgcwele.

38 UKapteni Al Farrar, omunye weFBI yentsha, ngobunye ubusuku eTacoma ngenkathi wayengilandele amaviki amathathu noma amane, ngenkathi ngenza izitatimende ukuthi wonke upeni wemali waqonda ngqo enhlosweni efanele othathwe emikhankasweni yami uqobo, futhi babene, enye indoda lapho eyayikade inomfana omncane, futhi bamthumela emhlanganweni enenqulu...odokotela bamthatha isithombe se x-reyi, wayengenathambo lenqulu. Futhi ngenkathi umfo omncane engeniswa, elele ohlakeni lombhede, uMoya oNgcwele wamtshela ukuthi wayengubani, ukuthi kwakwenzekeni, ukukholwa kwakhe okuncane, futhi wamcela ukuba avuke ohlakeni lombhede. Futhi umfana omncane walalela futhi wagxuma.

Unina wathi, "Akakwazi, akanathambo lenqulu!"

39 Futhi wagxuma waze wayothi ngqu ezingalweni zikanina futhi wagijima wehla ngesitaladi edazuluka ngalo lonke iphimbo lakhe; unina wawa ohlakeni lombhede umfana ayelele kulo.

Futhi bamehlisela ezansi khona-ke kudokotela ukuba athathwe isithombe se x-reyi, uKaputeni Al Farrar, nodokotela uthi, "Unethambo lenqulu eliphelele."

40 UKapteni Al Farrar wangehlisela ekamelweni elingaphansi lapho beqeqesha khona lawomaphoyisa asemancane ukudubula, emi ezansi lapho wathi kimi, "Mfowethu Branham, ngiyiBaptisti, kodwa ngithanda ukwazi ngalowoMoya oNgcwele okhuluma ngawo."

Ngathi, "Awu, Kapteni, ungoweBaptisti ngokufanayo njengoba unjalo kunoma ubani.

Futhi wathi, "Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi Uzonginika uMoya oNgcwele na?"

Ngathi, "Othandayo, makeze."

Wathi, "Ngizothola ikamelo elihle lamakamelo ndawo ndawo, futhi uhlangane nami lapho futhi mhlawumbe Uzosinika uMoya oNgcwele. Ngizothola amakamelo amahle kunawo onke akhona edolobheni," eTacoma.

Ngathi, "Akudingekile, Kapteni."

Wathi, "Awu, ngingayaphi ukuze Ahlangane nami na?"

Ngathi, "Khona lapha."

Wathi, "Kulendawo yokudubulela na?"

41 Ngathi, "Waya esiswini somkhomo ngomunye ngesinye isikhathi, nasesithandweni somlilo ngomunye, nasemphandwini wezingonyama ngomunye, Uzoza khona lapha kuwe, Kapteni." Futhi lapho ngamadolo akhe wanikela inhliziyo yakhe eNkosini uJesu, uba yindoda ebusisiwe, ephila namhlanje edumisa uNkulunkulu. Wonke amandla akhe, cishe impela, wemukele uMoya oNgcwele selokhu akwenza. O, kukhona Into ethize yangempela, amadoda aYilangazelelayo.

42 NaloGoliyati omkhulu wathi, "Asibe nakho kanjalo."

43 Manje, uma noma yimuphi umuntu ebuthweni lonke lakwa-Israyeli owayekwazi ukukwenza, kwakunguSawulu. IBhayibheli lasho ukuthi wayeyinhloko namahlombe ngaphezu kwawo wonke umuntu ebuthweni lakhe, wayesondele kakhulu kubukhulu bukaGoliyati kunanoma yimuphi umuntu ebuthweni. Kwase kuthi-ke futhi, wayeyiqhawe, wayazi ukuthi kuliwa kanjani, wayazi ukuthi umkhonto uwuqondisa kanjani, ukuthi usiphakamisa kanjani isihlangu, ugahle, waqeqesha amadoda, wayengumbhishobhi, wayazi ukuthi wayenzani, kodwa nokho, nakho konke ukufunda kwakhe esikoleni nakho konke ukuqeqeshwa kwakhe wayeyigwala, ngoba wamkholwa uNkulunkulu, kodwa wayengakaze ambone uNkulunkulu emnyakazweni, isehlakalo.

44 Yingalesosizathu ungeke ube nemihlangano emikhulu eMelika ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngukushoda

kwesehlakalo. Abantu abazi ukuthi uNkulunkulu uyini, bavele bamthathe ohlobweni oluthile lwento ethize yomlando, UnguNkulunkulu wosuku lwamanje.

45 Ngakho-ke ngolunye usuku ngenkathi uGoliyati enza ukuqhosha kwakhe okukhulu, kwakukhona omdadlana, oqethukile, umfo obukeka emamuzumuzu egqoke elincane, ijazi lesikhumba semvu, ubabayi wakhe wayemnike amagilebhisi omisiwe, futhi, ukwenza ophaya bamagilebhisi omisiwe, futhi wayekade, wamthumela enhla empini ukuba ahlangabezane nabafowabo, igama lakhe kwakunguDavide. Futhi cishe ngesikhathi uDavide efika ekamu, uGoliyati uyaphuma futhi wenza ukuqhosha kwakhe futhi, "Kungani abanye benu bengaphumi futhi balwe nami na?"

46 Wakusho ngesikhathi esingafanele, kwenzeka kwaba nomncane, umfo obukeka emamuzumuzu mhlawumbe owayengenayo imfundo eningi, kodwa wayemazi uNkulunkulu. Wayengenakho ukuqeqeshwa uSawulu ayenakho, kodwa wayemazi uNkulunkulu uSawulu ayengazi lutho ngaye. Wayesethi kubantu bakwa-Israyeli, "Niqonde ukungitshela ukuthi nizoma futhi nivumele lowomFilisti ongasokile adelele amabutho kaNkulunkulu ophilayo na? Ngizohamba ngilwe naye!"

47 O, he! Encanyanyana, eqethukile, into ebukeka imamuzumuzu! IBhayibheli lathi wayebomvana, umfana omdadlana nje othi akabe neshumi nesikhombisa, iminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, ethi ukuqhotha emahlombe akhe ngenxa yokusebenza kanzima. "Ngizohamba ngilwe naye!" Ngani, wayengathatha umunwe owodwa futhi awusonge okhalweni lwakhe. Kodwa wayenesibindi, ngoba wayazi ukuthi wayekahle.

48 Futhi lapho umuntu azi ukuthi ukahle, akukho okungakunyakazisa. Umuntu akabukeki njengoba kwenza uMose, nga*le*ndlela nanga*leyo*ndlela; inceku kaNkulunkulu yeqiniso ayidingeki neze ukuba ibuke nga*le*ndlela noma nga*leyo*ndlela. Ayinandaba, ukuhwaqabala kwesitha noma ukuhalalisela okuthokozisayo kwendoda ethize, ijabulela inhlanganyelo yeNkosi uNkulunkulu Oyithumile uma yazi lapho imi khona. Ayikhathali noma ngabe izitha zayo ziyakuthanda, noma ngabe abangane bayo bayamamatheka kuyo, lokho akwenzi nomnci umehluko encekwini yeqiniso kaKristu, inomsebenzi efanele iwenze, futhi ayidingi ukuba ibheke futhi ibone, "Ucabangani ngakho na? Ngabe lokhu kuyakuthokozisa na?" Ibuka nga*leyo*ndlela futhi ijabulela uBukhona bukaNkulunkulu ophilayo. Yileyo inkathazo namhlanje, sifanele sibone uma ihlelo lethu liyakukholwa. Nkulunkulu yiba nomusa! Uma ngike ngafika kuleyondawo, ngiyosonga iBhayibheli futhi ngishiye inkundla. Ufuna ukuthokozisa *uNkulunkulu*, unomyalo.

49 UDavide wathi . . . Wafaka abafowabo ehlazweni. Abafowabo bathi, "O, siyabazi ububi bakho, uzama ukwenza okuthile, uzama ukubukisa."

50 Ngakho izindaba zafinyelela ngakuSawulu, uSawulu wathi, "Lethani lapha lelobhobhodlwana elincane." Wathi, "Usho ukuthini, mfana, wenza ukuphawula okunjalo na? Awulutho kodwa usemusha, futhi yena ubeyiqhawe kusukela ebusheni bakhe. Ngani, awunalo ngisho nethuba!"

51 UDavide wathi, "Mnumzane, ngidedele nje ngihambe." Niyabo, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayethembise ukubusisa u-Israyeli. Lapho uNkulunkulu ethembisa, Uyonamathela esithembisweni saKhe. UNkulunkulu wethembisa ukuphulukisa abantwana baKhe, Uzofanele ahlale nalesosithembiso; uNkulunkulu wethembisa ukusithumelela uMoya oNgcwele, Uzofanele ahlale nalesosithembiso. Ungesabi, akunandaba ukuthi elinye izwe lithini, ukuthi umakhelwane uthini. Wathini uNkulunkulu na?

52 Futhi uSawulu wakukholwa ngokuma kobuhlakani, kodwa uDavide wayenesehlakalo. USawulu wathi, "Kodwa ngaphambi kokuba wenze lokhu, uzofanele uthole imfundo yasekolishi, uzo . . . Kungcono ufake iziqu zami, ngizokunika iziqu zami."

53 Ngakho wamembathisa isikhali sakhe nesigqoko sesivikelo sakhe kuye. Ungathini nje indoda inhloko namahlombe ngaphezu kwalo lonke ibutho layo, ifaka isigqoko sokuzivikela kumfo omncanyanyana owayengeqile cishe ukuphakama *kangaka* na? Kweqa ikhanda, izindlebe, amahlombe nakho konke, ngiqagele. Nawakhe amakhulukazi, amahlombe abanzi! Wayebukeka kanjani uDavide emi lapho egqoke kahle kanjalo namadolo akhe ekhotheme ndawonye na?

54 Wathi, "Susa lento kimi, angazi lutho ngayo." USawulu wathola ukuthi ivesti yakhe yobufundisi yayingayeneli indoda kaNkulunkulu. "Angazi lutho ngama Ph.D. akho, nokunye nokunye," washo, "kodwa ake ngihambe nalokho engibe nesehlakalo ngakho."

55 Amen. Ngizizwa ngikholwa ngempela, ngobuqotho ngiyazizwa. Ningahle nicabange ukuthi ngiziphatha ngobuthutha, kodwa uma nizizwele ngendlela efanayo engizizwe ngayo, mhlawumbe beniyoziphatha ngaleyondlela, nani. Ngizizwa njengoDavide ngenkathi esina phambi komphongolo weNkosi, nomkakhe wamhleka, wathi, "Awukuthandanga lokho na? Bhekisisa lokhu!"

UNkulunkulu wathi, "Ungumuntu wenhliziyo yaMi uQobo." Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani.

56 Futhi wathi, "Ngani, awukwazi ukulwa nalesosiqhwaga!"

57 Wathi, "Nje susa zonke leziziqu kimi, nalokhu, onke lamaphepha ebandla, nakho konke, ake ngikhululeke kanye."

Wathi, "Ake ngikutshele okuthize, emuva ngaleya ngenkathi ngelusa izimvu zikababayi wami, kwakukhona ibhere elangena ngolunye usuku futhi ladumela eyodwa, ngase ngicosha indwayimane yami ngalishaya ngalilahla phansi, ngathatha iwundlu ngabuya nalo. Nebhubesi liyangena lase lidumela eyodwa lase ligijima liphuma, ngalishaya ngalilahla phansi, nalo. Futhi lapho ngifika kulo langivukela, futhi ngalibulala." Wathi, "UNkulunkulu owangikhulula ezidladleni zebhere nengonyama, uzongikhulula kakhulu kangakanani ezandleni zalowomFilisti ongasokile odelela amabutho kaNkulunkulu ophilayo na?"

58 Niyabo, wayenokukholwa ngoba wayenesehlakalo. Abesilisa nabesifazane abangakaze bazi uNkulunkulu, kungengaphezu nje kokufunda ngaYe, abanazo izehlakalo ezininingi, abazi ukuthi benzeni; kodwa umuntu oke wahlangana noNkulunkulu futhi waba nesehlakalo, lokho kuyakuxazulula.

59 UDavide wathi, "Uma Enza lokho ukusindisa impilo yewundlu, kakhulu kangakanani impilo yabantu baKhe na?"

Futhi wathi, "Uzokwenza kanjani na?"

Wathi, "Ngizothatha lendwayimane encane." Futhi wacosha amatshe amahlanu, wawafaka eminweni emihlanu, indwayimane, niyazi ukuthi kuyini, thina bafana sasivame ukuwajikijela.

60 Futhi ngenkathi eqala ukuhlangana naye, nesiqhwaga esidala samhleka, awu, sathi, "Mfana, awunayo ngisho imfundo, awukhulumi ngisho nokukhulunywa nokubhalwa kolimi okuhle. Uzokwenza kanjani na?"

61 Kodwa wayenani na? Wayenamatshe amahlanu: u-J-e-s-u, esongwe ezingalweni zakhe zoku k-h-o-l-w-a, okuthile kwakufanele kwenzeke. Wayenesehlakalo ngokukholwa kuJesu. UNkulunkulu waqondisa itshe kahle nje, futhi kwaya phansi isiqhwaga, futhi bonke abanye baba nesibindi.

62 Eminyakeni embalwa edlule ngenkathi amabandla, amabandla eFull Gospel, athi, "Izinsuku zezimangaliso sezicishe zihlwanyeliwe," kodwa omunye waphuma wathi qekelele ngolunye usuku, manje bonke sebethathe isibindi, futhi salwa nesitha saya odongeni, sidabula futhi sisika. Sekuyisikhathi sikaDavide sokuthatha isinyathelo futhi, indoda enokukholwa.

63 Kwakungu-Abrahama, owabizwa emzini wase-Uri, izwe lamaKaledi, oweZizwe, ezansi esigodini saseShinari, umuntu ojwayelekile nje, kodwa uNkulunkulu wakhuluma kuye ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, nomkakhe, uSara, enamashumi ayisithupha-nanhlanu, babeshadile selokhu babe . . . wayecishe abe neshumi nesishiyagalombili, bengenabantwana. Futhi uNkulunkulu watshela u-Abrahama babezoba nengane, no-Abrahama

wamkholwa uNkulunkulu. Futhi wabiza noma yini ephambene nalokho uNkulunkulu ayekushilo, ngokungathi kwakungesikho, ekholwa ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukugcina isithembiso saKhe.

64 Ungathini nje? Ikhehla elineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala nesalukazi esineminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, cabanga ngakho manje, behlela kudokotela, futhi bathi, "Doc, sifuna ukulungiselela igumbi esibhedlela, umkami uzoba nengane."

"Ini? Cishe iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu esedlule ukuya esikhathini na?"

"Yebo, uzoba nengane. Sisanda kuba sezansi nedolobha futhi sathola yonke ingubo emagqabhagqabha ebesingayithola, nabo bonke ophini, namabhuzu, nakho konke, sizoba nengane."

"Wazi kanjani, mnumzane na?"

"UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu washo njalo."

"Ngani," bebeyothi, "umfo omdala bandla uthi nje ukuphambana ekhanda lakhe. Kukhona okungalungile ngaye."

65 Futhi wonke umuntu owake wamela uNkulunkulu ubethathwa njengogulisw a yimizwa, noma kukhona okungalungile ngaye. Kuyinto ethize engalungile, useshintshe isikhundla sakhe esuka ekubeni yisoni esifayo waya kongcwele ophila ingunaphakade, ebiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

66 Ungathini nje emva kwezinsuku zokuqala ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili na? Sengiyambona u-Abrahama enyuka, ethi, "Sara, s'thandwa, uzizwa unjani na?"

"Akukho kwehluka."

"Awu, akabusiswe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani." Impela.

67 Unyaka wedlula: "Uzizwa unjani, Sara na?"

"Akukho kwehluka."

"Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani."

68 Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu yedlula: Unekhulu futhi owesifazane unamashumi ayisishiyagalolunye, omncane, ugogo omdala, netshali elincane, "Uzizwa unjani, S'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Akabusiswe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani!"

69 Kungani na? Wabekezela futhi wakholwa ukuthi lokho uNkulunkulu ayekushilo, uNkulunkulu wayengasigcina isithembiso saKhe. Futhi ningabantwana baka-Abrahama, kucatshangwa kanjalo, ungatholi ukuphulukiswa ngobusuku

bokuqala lapho wemukela ukuphulukiswa kwakho, "Awu, ngiqagele akukho lutho kukho." Akunandaba ukuthi kwakukhonani kukho, uNkulunkulu washo njalo nalokho kuyakuxazulula, qhubeka nje uhamba. U-Abrahama waMkholwa.

70 UMose, emva kokuba neminyaka engamashumi amane yesayense yezenkolo, ukuqeqeshwa okwedlula konke impela okwakunganikwa umuntu...Ngani, wayengeke azilungise kabusha kunoma yiziphi zezibalo zakhe, kumbe noma yikuphi okunye ukutadisha a—ayekutadisha eGibhithe ngomuthi wakhe. Ngani, abaseGibhithe babenomuthi nezinto esingenazo namhlanje, bakha izivivane ebesingeke sazakha, badaya izingubo ukuthi udayi usabukeka ungokwemvelo, bagqumisa imizimba benza izidumbu ezomisiwe, besingeke sasenza esisodwa namhlanje. Babehlakaniphile kunathi, noMose wayeqeqeshwe kukho konke okwaseGibhithe, waze wakwazi ukufundisa amakhosi abo.

71 Kodwa waphumela ehlane ngesinye isikhathi nesigejane samadoda, futhi, ngaphezu kwabantu abayizigidi ezimbili, wabahola iminyaka engamashumi amane futhi waphuma ehlane kungekho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwabo.

72 Beningeke yini abanye benu bodokotela nithande ukwazi ukuthi yini uDokotela uMose ayenayo yesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo na? Zingaki izingane ezazalwa ubusuku ngabunye na? UDokotela uMose wayenesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo epotimendeni lakhe elincane; nginemfihlo encane. Niyafuna nginifundele yona na? Nansi, nonke nina bodokotela: "NgiyiNkosi ephulukisa zonke izifo zenu." Leso kwakuyisithako sakhe somuthi nokusetshenziswa kwawo, sasebenza iminyaka engamashumi amane nabantu abayizigidi eziningana kungekho noyedwa obuthakathaka phakathi kwabo.

73 Ngokuba ngolunye usuku kwingemuva logwadule uNkulunkulu wafika kuye futhi waba nesehlakalo. Ngenkathi ebulala umGibhithe, wabheka *ngapha* na*ngapho*, ebulala indoda eyodwa, wayesaba, wayengakaze ahlangane noNkulunkulu; kodwa emva kokuhlangana noNkulunkulu, wehla futhi wacwilisa lonke ibutho laseGibhithe, futhi akazange abheke emuva. Wayenokukholwa, wayazi ukuthi kwakusho ukuthini. Impela. Wamkholwa uNkulunkulu, futhi wakhuthazela sengathi uyaMbona Ongabonwayo. Emva kokuba esethole uNkulunkulu futhi wahlangana noNkulunkulu futhi waba nesehlakalo, waba nokukholwa kukho.

74 KwakunguFiliphu, emva kokuba esezwile uJesu etshela uSimoni ukuthi wayengubani igama lakhe nokuthi lalingubani igama likayise ukuthi wayengathi kuNathanayeli, "Woza ubone esiMfumene."

75 Kwakusemva kokuba uNathanayeli esehambe wenyukela eBukhoneni bukaJesu, noJesu wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Wathi, "Ungaze kanjani na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi . . . "

Kwakungemva kwalokho lapho ayengathi, "Wena uyiNkosi ka-Israyeli; Wena uyiNdodana kaNkulunkulu," emva kokuba wayekade enesehlakalo.

76 Kwakungemva kukanondindwa, emi emthonjeni, lapho abona khona iJuda, futhi leliJuda lacela amanzi kuye, futhi Wathi, "Cela Mina amanzi."

77 Futhi Wathola inkathazo yakhe, futhi wamtshela ukuthi wayehlala nendoda yakhe yesithupha, okwakungalungile. Futhi kwakusemva kwalokho, ukuthi Wamtshela isono sakhe ukuthi angagijimela emzini, futhi athi, "Wozani, nibone uMuntu, ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?" Kwakungemva kokuba esekubonile, emva kokuba sekusebenzile kuye; into yangokoqobo iyenzeka.

78 Kwakusemva kokuba owesifazane esethinte ingubo yaKhe futhi wayekade ephilisiwe ukuthi zonke izethameli zazifuna ukuthinta ingubo yaKhe. Kwakusemva kokuba umopho wakhe usunqamukile ukuthi wayenganikeza khona ubufakazi, kamuva.

79 Ekufundeni kwethu umBhalo kulobubusuku uJesu wathi, ngenkathi Ethi kulowomuthi, "Akungabe kusadla-muntu kuwe kusukela manje kuqhubeke," futhi ngosuku olulandelayo wabuna. NoPetru wakuqaphela. Wenzani na? Efundisa abafundi baKhe. Futhi wathi, "Bheka, umuthi ubunile, lapho Oqalekise khona izolo."

Wathi, "Yiba nokukholwa kuNkulunkulu."

80 Emva kokuba uPetru esebone isimangaliso Ayesenzile, Wathi, "Yisho kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuyenziwa, futhi ungaba nakho okushilo." Into ethize yangokoqobo ilandela isehlakalo.

81 Futhi, mfowethu, izwe kulobubusuku libheke into ethize yangokoqobo. Abantu balesisizwe, nabezwe lonke ubheke ebandleni into ethize yangokoqobo. Isayense isilethele ukufa, umphakathi usilethele ukonakala, izinhlangano zamabandla zisilethele ukuqophisana, abantu bafuna into ethize yangempela. Lapho bebona lowombukiso, balungele. UNkulunkulu unakho. Sikhuluma ngoNkulunkulu, Uphi na?

82 Esikhathini esithile esedlule . . . Kungiletha ukuba ngixoxe ngesehlakalo. Njengoba nazi, ngiyathanda ukuzingela, angihambi kakhulu ukuyobulala inyamazane, ngiyahamba nje ukuba ngibe ngedwa noNkulunkulu. Futhi ngangivame ukuzingela phezulu lapha eduze kwezifunda zaseNew England, ngapha eMfuleni i-Androscoggin, ngaseLake

Umbagog, eMoosehead ngenkathi ngisengumfanyana nje, ezansi ngaseziNtabeni eziMhlophe.

83 Futhi ngiyakhumbula uphathini engizingela naye enganginaye lapho, wayengomunye wabazingeli ababedlula bonke engake ngazingela nabo, woqobo, uYankee omncane, nendoda ekahle kakhulu. Wawungeke neze ulahlekelwe nguye emahlathini, wawungadingeki ukuba ukhathazeke ngaye, myeke ahambe. Futhi wayewazi umsebenzi wakhe, kodwa wayengomunye wamadoda anonya ukwedlula onke engake ngawabona. O, wayenonya enhliziyweni yakhe. Wayevame ukudubula amazinyane ezinyamazane amancane ukuze nje angenze ngiphathe kabi.

84 Manje, uma umthetho uthi ungadubula izinyane lenyamazane, lokho kulungile. Manje, akusibo ubungako benyamazane idiye, kodwa asikho isidingo sokubulala nje ishumi noma ishumi-nanhlanu ukuba ube nonya ngakho. U-Abrahama wabulala inkonyane futhi uNkulunkulu uyalidla, ngakho izinyane lenyamazane alenzanga mehluko, ngukuba nonya nje nokufuna ukubukisa. Futhi kungaleyondlela ngabantu abaningi namhlanje, bafuna nje ukuzenza abahlakaniphile lapho bazi kangcono, bayokubiza ngomgingqiki ongcwele, noma bayokubiza ngohlanya, noma *enye into ethize* efana naleyo, lapho befuna nje ukuhlakanipha; abaqondi ukuthi abalimazi wena, balimaza uNkulunkulu. "Wayethamela leyomvuselelo na?" Ngiyakudabukela!

85 "Abusisiwe amehlo akho . . ."

86 Kodwa lendoda, yayidubula lezozinyamazane amadiye ezincane ukungenza ngiphatheke kabi, ngase ngithi, "Ukwenzela ini lokho na?"

"O," wathi, "Mshumayeli, unenhliziyo yenkukhu nje. Yileyo indaba ngani bashumayeli, ninenhliziyo yenkukhu nje." Wathi, "Ngiyathanda ukuzingela nawe, Billy, kodwa unenhliziyo ethambile kakhulu, awufanele wenze lokho, ufanele ube yi*ndoda*!"

Ngathi, "Bert, i*ndoda* ayikalwa ngokuthi inesihluku esingakanani kuyo, i*ndoda* ikalwa ngesimilo."

87 Ngiwabonile amadoda ayengamafidi ayisithupha ubude, esinda amaphawondi angamakhulu amabili namashumi amabili, nawo wonke umsipha, futhi yayingenalo ngisho i-awunsi le*ndoda* kuyo. Kunjalo. I*ndoda* ikalwa ngesimilo sayo. Ngiqonde ukuthi iyolahla ingane iphume ezingalweni zikamama bese imdlwengula; awukubizi lokho nge*ndoda*. Isimiso: UKristu wayengemkhulu kakhulu, futhi kungekho buhle ukuba siMfise, akaze abekhona umuntu olingana naYe. Kukalwa ngesimilo, lokho oyikho ngaphakathi kuwe.

88 Futhi ngakho, wathi, "O, hlakanipha."

89 Futhi ngomunye unyaka ngenkathi ngenyuka wayezenzele impempe encane, futhi wayekwazi ukwenza leyompempe encane ikhale njengelincane nje, izinyane lenyamazane likhala. Ngathi, "Impela, awuzukukusebenzisa lokho!"

90 "O," wathi, "nakho la ukhona, unenhliziyo yenkukhu, mfana."

91 Sahamba sizingela ngalolosuku futhi kufika iqhwa elincane, njengani bazalwane enaphakamisa izandla zenu ngobunye ubusuku, naningabazingeli bezinyamazane amadiye, nilandela umkhondo weqhwa nje, cishe amayintshi ayisithupha. Futhi sasihambe usuku lonke, inyamazane idiye yayiyindlala ezansi ezweni, futhi ngakho sasingakawutholi ngisho umzila; inkathi yonyaka yokuzingela iyangena, izinyamazane amadiye ziyacasha.

92 Futhi kwase kuleyithi ngenkathi yonyaka, cishe impela ukuphela, futhi ngangikhuphuka leyithi ukubona ukuthi ngangingathola yini enkulu, inyamazane ezulazulayo ndawondawo, noma ukungena emahlathini. Futhi sasizingela konke kwaze kwaba semini, singakaze sibone umzila. Sase-ke sishaya isikhala esincane esicishe sibe ngusayizi walelihholo elikhulu, futhi ngamqaphelisisa nje eqoshama phansi, futhi ngangicabanga ukuthi wayebuyela ebhantshini lakhe ukuba athole ukudla kwakhe kwasemini.

93 Ngokwejwayelekile, yileyondlela ebesiyokwenza ngayo, siyophatha ilantshi yethu, ngesikhathi sasemini besiyodla, bese sehlukana bese sizingela emuva ngasekhempini ebusuku, sihamba ngendlela ehlukile, ngakwesinye—ezinye izigaba, kanjalonjalo, mhlawumbe ukuthusa inyamazane idiye komunye iye komunye.

94 Futhi ngenkathi ehlala phansi, ngacabanga ukuthi wayefinyelela emuva ukuba athole ukudla kwakhe kwasemini, kodwa wayekhipha ephaketheni lakhe lempempe encane. Ngacabanga, "Impela, angeke ayifuthe leyo!" Kodwa wayibeka phezulu emlonyeni wakhe, futhi wafutha, izwakala njengengane encane nje ikhala. Futhi nje ngapheshe ya kwesikhala enkulukazi, inyamazane idiye yensikazi enhle yaphakama, o, iyinhle kakhulu, izindlebe ezinkulukazi, imithambo ebusweni bayo namakhulu, amehlo amnyama. Yayibukeka iyinhle kakhulu. Manje, inyamazane yensikazi ingumama wenyamazane idiye. Yaphakama, yayikade icashe ngaphansi kwehlashana elithize. Futhi wabuka emuva kimi ngalawomehlo abukeka njengawemvu. Ngacabanga, "Impela, Bert, ngeke ukwenze lokho!" Wayeseyifutha futhi, futhi yaphumela ngqo esikhaleni.

95 Manje, nina bazalwane niyazi ukuthi lokho akwejwayelekile ngenyamazane idiye, iphumele esikhaleni kanjalo, phakathi nemini, inkathi yonyaka yokuzingela, iqhwa emhlabathini. Yaphuma ngqo. Kwakuyini na? Yayingumama, yayinento

ethize yangokoqobo, ingane yayikhala, futhi ngokwemvelo yayingumama.

96 Iphumela esikhaleni. Ngimbonile edonsa isigwedlo kulesisibhamu esikhulu, leyo .30-06, bese ephosa lenhlamvu yezinhlamvu ezithambile eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili phakathi lapho. Futhi wayengumnembi. Lesosibuko esandisayo sehla, leyomigqa ephambene yokuqondisa iphezu kwenhliziyo yayo ethembekile. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, uzoqhumisa inhliziyo yayo eyigugu ithi ngqu kuyo!" Imile ingaqhelile ngamayadi angamashumi amabili.

97 Ngenkathi isigwedlo sehlile, inyamazane idiye yaphenduka, yayazi ukuthi umzingeli wayelapho, kodwa ingane yayo yayisenkathazweni. Yayingazenzisi nje, yayingumama wangempela, yayinento ethize yangempela, yayingesuye umzenzisi, yayingeyangempela. Futhi yaphumela ngaphandle ngokwedlulele. Futhi ngibone uBert lapho eseqondanisa phansi ukuba aqhumise inhliziyo yayo, ngafulathela, ngathi, "Angikwazi ukukubuka lokhu! Angayiqhumisa kanjani inhliziyo yalowomama oligugu ecinga ingane yakhe na? Angayiqhumisa kanjani inhliziyo yakhe iphume na?" Ngacabanga, "O Nkulunkulu, ungamvumeli akwenze!"

98 Ngafulathela, ngilalele noma ngamuphi umzuzu ngokubhonga kwalesosibhamu esikhulu, kodwa asidubulanga, ngaphenduka ukuba ngibuke, nombhobho wesibhamu esikhulu wawuhamba *kanje*. Ngambuka, waphosa isibhamu esikhulu phansi, wangidumela ngomlenze webhulukwe, wayesethi, "Billy, sengenele yikho." Wathi, "Ngiholele kulowoJesu ongaveza uthando."

99 Kwakuyini na? Wabona uthando lwangempela luvezwa obala, wabona into ethize yangempela. Futhi lapho kulolosebe lweqhwa, ngamholela eNkosini uJesu, ngoba wayethole into ethize yangempela. Lowomama, wayengazenzisi njengelunga lebandla, wayengowangempela.

100 Mngani, yilokho izwe elifuna ukukubona namhlanje kuwe nami, bafuna into ethize yangempela. Ungakuthola kanjani uze uzalwe ngoMoya kaNkulunkulu futhi ube nesehlakalo sakho na? Ungaba kanjani nokukholwa ngaphandle uma kukhona okukuwe okukunika ukukholwa na? Okwangempela! Ungathanda ukuba nalolohlobo lothando lukaNkulunkulu enhliziyweni yakho njengalowomama wenyamazane idiye ayenalo ngengane yakhe, ukuveza obala lolohlobo lothando, kungekho-bugovu, kungekho-mhobholo, kungekho-lutho, kuze kuthi lapho uhamba wehla ngesitaladi, omakhelwane bayothi, "Uma kwake kwabakhona ongcwelisiwe, owesifazane omesabayo uNkulunkulu noma owesilisa, nakho-ke"? Yilokho

abakufunayo. Kungcono ukungiphilela intshumayelo kunoma kunjalo ukungishumayeza eyodwa.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzu nje.

101 O Nkulunkulu, njengoba ngicabanga emuva ngezehlakalo, ukuthi ngibone kanjani amakhulu, amadoda anonya, angamesabi uNkulunkulu nangenandaba, enziwe amnandi, amaKristu athobile ngomzuzwana nje wesikhathi, ngoba abone into ethize yangempela. Nkulunkulu, yipha kulobubusuku ukuthi wonke owesilisa nowesifazane, umfana noma intombazane phakathi lapha, ongenaso lesosehlakalo sangempela, ukuze babe nokukholwa kwangempela, kwangathi bangaKwemukela kulobubusuku njengoMsindisi wabo siqu futhi bemukele uMoya oNgcwele okunikeza ukukholwa.

102 "Thina singabafileyo kuKristu," kusho umBhalo, "siba yiziNzalo zika-Abrahama futhi siyindlalifa ngokwesithembiso." NoKristu wayeyiNzalo ka-Abrahama, noMoya oNgcwele usilethile, sifile naYe, kusiletha ebudlelwaneni, futhi ngoMoya oNgcwele, kusinika ukukholwa u-Abrahama ayenakho. Nkulunkulu, siphe kulobubusuku ukuthi sizoba nalokho kukholwa, nalolothando, ukuthi into ethize e. . . UKristu usho okukhulu kakhulu, kuze kuthi thina kuze kube ngaphezu kobulunga bebandla, kungaphezu kokucasha emva kwejazi lenkolo, noma ngaphezu kwanoma yini, njengoba uFanny Crosby oyimpumputhe wathi, "Kungaphezu kokuphila kimi." Siphe, Nkosi, lelihora ukuthi uMoya oNgcwele waKho uzokhuluma ezinhliziyweni.

103 Sisakhothamise amakhanda ethu, nekhanda lakho likhotheme othulini lapho uNkulunkulu akuthathe khona, futhi ngolunye usuku uyobuyela kulolothuli, okuyiyona ndlela okhothamise ngayo ikhanda lakho manje, ubungathanda ukuba, mngane wami oyisoni, noma umhlubuki, noma ongenandaba, ilunga lebandla elibandayo (Konke kuyisono.), ubungathanda ukuba nothando lukaNkulunkulu enhliziyweni yakho lucebile nje njengoba leyonyamazane idiye yayinothando lukamama enhliziyweni yayo na? Ubungathanda ukuba nesehlakalo esinjengaleso, esiyokuvumela ume lapho ukushaya kwenhliziyo kokugcina kuhamba emzimbeni wakho, futhi namanje nezingalo zothando zibheke ngaphesheya kweJordani ukuba iziNgelosi zize zithwale imiphefumulo yenu iye eKhaya na? Cabanga ngakho umzuzwana nje, ngumphefumulo wakho; uNkulunkulu ulapha ozokunika lolohlobo lothando.

104 Uma nikufuna, ningaziphakamisa nje izandla zenu ngokuthula kuYe ngenkathi nginikhulekela, kuso sonke isakhiwo na? UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena, phezulu kovulandi abasesitezi, ngakwesokudla sami.

105 Manenekazi, niyazi ukuthi nizithanda kanjani izingane zenu, anazi na? IBhayibheli lathi, "Umama angayikhohlwa

ingane yakhe encane esancela na? Yebo, angahle ayikhohlwe, kodwa Angisoze ngakhohlwa nguwe; ngokuba igama lakho liqoshwe ezintendeni zesandla saMi.” Uyazi ukuthi uyithanda kanjani ingane yakho, awazi na? UNkulunkulu ukuthanda ngaphezu kwalokho. Kungani ubungahamba weqe imingcele phakathi komusa nokwahlulela lapho Ekuthanda kanjalo na?

O, uthando olunje pho ukuthi uBaba
Wayenalo ngesizwe sika-Adamu esiwileyo,
Wanikela ngeNdodana yaKhe eyodwa ukuba ihlupheke,
Nokusihlenga ngomusa waKhe.

106 Bukani ukuthi uthando olunjani Alubonakalisa obala ngathi. Anikwazi ukubonakalisa obala uthando oluncane ngaYe na? Ungasiphakamisa isandla sakho, lolothando olungako, bese uthi, “Nkulunkulu, ngilapha, ngiyazi ukuthi inhliziyo yami ayilungisene naWe. Ngizisho ukuthi ngingumKristu, kodwa ngiyazi khona phansi enhliziyweni yami, lelo yiphutha, nginokukusho nje, anginakho ukukholwa. Ngifuna Ube nomusa kimi, Nkulunkulu.”

107 Gcinani amakhanda enu ekhotheme ngenkathi . . . Kovulandi abasesitezi ngakwesokunxele sami, ubungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Nkulunkulu, yiba nomusa”? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi, wena, wena, wena, konke phansi. Ovulande abasesitezi ngemuva, beningaziphakamisa izandla zenu na? UNkulunkulu akubusise. Abafo abasha phezulu lapho, ekuguqukeni kwempilo, amanenekazi amancane lapha, lapho nikhona ngqo ehoreni eliyingozi kakhulu.

108 Kusasa ebusuku ngifuna ukukhuluma mayelana nalokho. Usezimpambanweni-mgwaqo, s’thandwa. Nginamantombazanyana amabili ekhaya, futhi. Nkulunkulu yiba nomusa, mntwana! Thatha uJesu njengoMsindisi wakho kulobubusuku ngaphambi kokuba kwenzeke okuthile. Lowomphefumulo wakho oyigugu uJesu awufela, ungeMemukele na? Phakamisa isandla sakho nje.

109 Bafana abancane, phakamisani izandla zenu. UNkulunkulu akubusise. Noma yibaphi abanye, nomaphi esakhiweni, bathi, “Mfowethu Branham, ngikhumbule”? UNkulunkulu akubusise phansi lapha, mnumzane. Futhi uNkulunkulu akubusise ngapha. Emuva le ngemuva, iNkosi ikubusise. Umi ngasezinhlangothi, ubungavele nje, umuntu othize odinga uNkulunkulu, phakamisa isandla sakho nje, uthi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, mina manje lapha ngifuna ukuthatha uJesu”? UNkulunkulu akubusise, mtwanyana. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Kulungile, sisalokhu sinamakhanda ethu ekhotheme.

110 Nkosi, Wena ushilo eZwini laKho, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Manje-ke kube nezandla ezimingi eziphakamile phakathi lapha kulobubusuku zabesilisa, abesifazane, abantwana, injejane, khona-ke kukhombisa ukuthi uBaba ubedonsa abantu baKhe. "Futhi bonke abeza kiMi, Ngizobanika ukuPhila okuPhakade," Wena washo, "futhi abayikubhubha."

111 O, sithanda kanjani ukucaphuna iZwi laKho. Wena wathi, "Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Manje-ke hlobo luni lomlingiswa obekuyoba yilo na? Uma abaningi enalokho kusho futhi bengenazo izithelo zikaMoya ukuba zikulandele, khona-ke badukisiwe. "Uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe."

112 Nkosi, indoda ngayinye iyakwazi ukuma kwayo, umuntu ngamunye kulobubusuku, futhi baphakamise isandla sabo, abanye babo, ukuthi kade benephutha futhi bafuna uthando lwangempela enhliziyweni yabo. Manje, Moya oNgcwele, noma ngabe beza lapha noma bahlale phandle lapho, kuthatha uMoya waKho ukukwenza. Futhi uma Usondele ngokwenele kubo, futhi uma inhliziyo yabo isathambile ngokwenele ukuthi Ubungabenza baphakamise izandla zabo, Ubungahlala kangakanani-ke Wena na? Siphe khona, Nkosi.

113 Ngibanikela kuWe manje, njengeziphiwo zothando nezimpawu ezincane zalomlayezo kulobubusuku. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi bangemukela uMoya waKho, futhi baphile ngobuqhawe obukhulu, nothando lwangempela oluningi ukulubonakalisa kunomama omdala wenyamazane idiye engixoxe ngaye emizuzwini embalwa edlule. Lokhu ngikucela, eGameni likaJesu. Amen.

114 O, iZwi alikwenzi yini okuthize nje kuwe na? Bangaki olithandayo iZwi na? Impela. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Angazi noma uyayazi yini leyondlela, ubungasinika manje. . . Angisuye umculi, kodwa ngiyathanda, emva kokuba iZwi seliphumile, benihlonipha ngokuzithoba kakhulu, ngithanda ukuMkhonza ngamaculo akudala. Anikuthandi lokho okumnandi ngempela na? Niyalazi leloculo, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wang'thanda kuqala"? Senake nalizwa na? Ake sinizwe. . . sibone izandla zenu. Kulungile. Siphe indlela. Uma omunye ubengangisiza lapha, uma uthanda. Kulungile. Kulungile, sinikeze indlela.

Ng'yaMthanda, . . .

Asiphakamise izandla zethu sisenza.

. . . Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala,

Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

115 O, lokho akwenzi yini okuthize kuwe na? Asikwenze futhi, wozani, wonke umuntu, khona ngqo endaweni yenu manje:

Ng'ya . . .

Bheka phezulu nje kuYe futhi uMkholwe.

. . . Ng'yaMthanda,
Ngoba Wang'thanda kuqala,
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

116 O Nkulunkulu, o, ekujuleni kweyami . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . O Nkosi, nasekujuleni kwemiphefumulo yalezizandla esiphakanyisiwe, siyaKuthanda, Jesu, ngoba Wasithanda kuqala ngenkathi singathandeki. Wafika futhi wasihlenga ngeGazi laKho futhi wasihlanza ezonweni zethu, futhi wasenza saba mhlophe eGazini lomzimba waKho uQobo oyigugu, futhi usiphe inhlanhla ngoMoya oNgcwele ukuba sibekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu futhi sibizwe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Akukabonakali esiyakuba yikho ekugcineni, kodwa siyazi siyoba nomzimba ofana nomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, ngokuba siyakuMbona njengoba Enjalo.

117 O Nkulunkulu, inhliziyo yami iyagxuma lapho ngicabanga ngolunye usuku lapho Ufika, nalabo abanokuPhila okuPhakade baphaphame othulini lomhlaba. Awukwazi nje ukufihla ukuphila. O Nkulunkulu, ngicabanga ukuthi ungabeka imbewu encane ngaphansi kwedwala, ubeke idwala phezu kwayo, kodwa ngokuqinisekile nje njengoba ilanga elifudumele liya kosingatha umhlaba, leyombewana encane yokuphila izosebenza indlela yayo izungeze lelodwala futhi iphakamise ikhanda layo. Ungeke wakufihla ukuphila. Singangcwatshwa ngaphansi kwamatshe nasemaxhaphozini nasezinzulwini zolwandle, noma ngabe kukuphi, kodwa lapho iNdodana kaNkulunkulu ifika, nemimoya ehelezayo efudumele yasePhakadeni iqala ukusingatha umhlaba, abantwana baKhe abagezwe ngeGazi bazophakamisa ikhanda labo futhi badumise uNkulunkulu. SiyaKubonga ngalokhu, ngokuba kuphila phakathi kwethu manje.

118 Futhi siyaKubonga, Nkulunkulu oNgcwele, siyaKuthanda, futhi siyakhuleka ukuthi Uzongena phakathi kwethu manje ngendlela ezwakalayo, ebonakalayo, hhayi ngoba sifanele sibe nalokhu, Nkosi, kodwa ukukhuthaza labo abasanda kuKwemukela njengoMsindisi, nokukhuthaza abantu abagulayo ukuba baKukholwe.

119 Abaningi babo lapha kulobubusuku bayakholwa ngaphandle kokuba babone into eyodwa. UFiliphu, njengoba ngishilo, emva kokuba eseKuzwile utshela uPetru ukuthi

wayengubani igama lakhe, waKukholwa; emva kokuba uNathanayeli, ngenkathi Umtshela ukuthi wayengubani, nokuthi uvelaphi, nokuthi wayekuphi ngenkathi umphostoli emthola, wakholwa emva kokuba esezwe lokho; owesifazane, emva kokuba esetsheliwe ukuthi iyiphi inkathazo ayenayo, wakholwa emva kwalokho, kodwa Nkosi Nkulunkulu, siyakholwa ngaphambi kokuba sibone noma yini yakho. Wena wathi, "Mkhulu kangakanani umvuzo wabo!"

120 Kodwa, Nkosi, ngokweZwi laKho, Ubophezelekile ukuba uzimemezele Wena uqobo njengoba Wenza ezinsukwini zasekuqaleni. Lesi yisizwe sabeZizwe esifayo, iBandla liyakhethwa, likhishiwe, izinkulungwane eziningi zilele othulini kwehle njalo onyakeni, lesi yisikhathi sokuphela. Woza, Nkosi Jesu, futhi wazise abantu ukuthi loNkulunkulu esimkhonzayo akasuye uNkulunkulu womlando, kodwa Uyinkathi yamanje, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Lonke udumo luyakunikwa Wena. Amen.

121 Ngokwazi kwami konke, lokhu cishe ubusuku obuthathu noma kanjalo kithi, ngicabanga ukuthi lobu ubusuku besithathu, uLwesine, uLwesihlanu, noma, uLwesihlanu, uMgqibelo, neSonto. Ubusuku bokuqala ngicabanga ukuthi sinikezela ngamakhadi omkhuleko, futhi nje sibize abantu ngezinombolo zabo ukuba benyukele emsamo, ngamunye ngamunye. Izolo ebusuku kubonakale kunogcobo olukhulu kakhulu saze sangawathatha ngisho amakhadi omkhuleko, uMoya oNgcwele uvele nje wahamba phezu kwesakhiwo, wababiza, noma kanjani.

122 Futhi kulobubusuku, njengoba sinesikhathi esincanyanyana nje, ikota nje kuze kube yihora lesishiyagalolunye, singaphuma ngekota emva. . . Niyabo, konke lokho ebengingakusho, lokho kulungile, kodwa bonke abashumayeli ezweni bangahle bashumayele, besingalalela, kodwa iZwi elilodwa nje elivela kuJesu beliyosho okungaphezu kwalokho sonke ebesingakusho. Niyabo, bebengathi, "O, yebo, lokho kwakusemuva ngolunye usuku." Kodwa Ulapha namhlanje, ngokufanayo nje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi.

123 Bangaki esakhiweni kulobubusuku ongakaze abe kwenye yezinkonzo zethu ngaphambili na? Ake sibone izandla zenu. Ababaningi kakhulu, lokho kuhle. Ngiyajabula ukubona isixuku sigcina isikhundla saso. Angithandi ukubona abantu beza nje futhi bagcwale ngobunye ubusuku, futhi babuyele emuva, bathi, "O, lokho bekwenele kimi." Kukhombisa ukuthi kukhona okungalungile. Niyabo? O, uma ngidla ikhekhe elomile ngakuthangi, lokho kungahle kube kahle, kodwa ngifanele ngibe nalo njalo kanye ngankathi. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

124 Kuwe olapha okokuqala, angizisho ukuthi ngingumphulukisi, mngane wami othandekayo, akekho omunye ongumphulukisi, uNkulunkulu unguMphulukisi. Ngikholwa ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu yinto ethize uNkulunkulu asenzela yona ngeNdodana yaKhe uJesu ngenkathi Enikelwa eKalvari.

125 Lokhu kufika nje emqondweni wami, ngifanele ngikusho. Esikhathini esithile esedlule nganginestudiyo lapho uCharles Fuller noStuart Hamblen, abaningi babo babekade bephakathi lapho ukuba kuthathwe isithombe sabo, futhi kwenzeka ngabizwa ngu. . .estudiyo esifanayo. Futhi ngakho lomfo osemncane phakathi lapho wayesanda kuphuma nje e. . . wesikole esiqavile, futhi ngempela wayenemfundo, futhi wathi kumphathi wami, wathi, "Ngingathanda ukuba ushiye uMnu. Branham lapha." Ngabheka ngale, ngoba lapho ngiya ekudleni kwasekuseni basebenzisa lawomagama amakhulukazi, angazi ukuthi bakhuluma ngani. Ngahlala eceleni komphathi, uma ngingazi ukuthi bakhuluma ngani, ngimkhahlela ngedolo lami, futhi uyakhuluma kusukela lapho kuqhubeke. Ngakho wathi, "Ngingathanda ukuba ushiye uMnu. Branham lapha." Into ethize kimi yangitshela ukuthi wayezongibuza.

Ngakho ekugcineni, uMnu. Baxter wathi, "Kulungile, kodwa unaye lapho emizuzwini engamashumi amathathu."

126 Wathi, "Ngifuna ukuthatha izinhlangothi." Ngangazi ukuthi lokho kwakungesikho ngempela. Ngakho wathi nje angahamba, wathi, "Mnu. Branham, ngifuna ukukutshela, njengendoda ngiyakuhlonipha, kodwa isayense yakho yezenkolo iyiphutha."

Ngathi, "Yini engalungile ngayo, mnumzane na?"

Wathi, "Awu, into yokuqala," wathi, "ufundisa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngokubuyisana na?"

Ngathi, "Zonke izibusiso zokuhlenga zivela ekubuyisaneni."

"Awu," wathi, "Mnu. Branham, uma ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwakusekubuyisaneni bekungeke kusabakhona ubuhlungu."

Ngathi, "Ngabe insindiso yomphefumulo isekubuyisaneni, mnumzane na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Ngabe sikhona isilingo na?"

"Impela."

Ngathi, "Khona-ke bukhona ubuhlungu."

127 Wahamba esebenzisa amanye amagama amakhulukazi, ngathi, "Kade ngiphakathi kwabantu bePentecostal isikhathi eside, kodwa angikaze ngibe nesiphiwo sokuhumusha, khuluma kimi ngeKing James, uyabo." Ngathi, "Angazi ukuthi ukhuluma ngani." Ngathi, "Ukhuluma ngolunye ulimi kimi, mnumzane.

Ngingumuntu wasemaphandleni nje, kodwa ngiyayazi iNkosi uJesu. Ngingahle ngingayazi iNcwadi kahle kakhulu, kodwa ngiyamazi uMqambi." Futhi ngathi, "Khuluma nami nje ngamazwi acacile."

Wathi, "Usebenzisa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ekubuyisaneni u-Isaya akusho emuva lapho na?"

"Yebo." Ngathi, "Yebo, mnumzane, yilokho impela."

Wathi, "Ngikholwa ukuthi uyindoda eqaphela kakhulu, Mnu. Branham." Wathi, "Uma ngifakazisa kuwe ngeBhayibheli ukuthi lokho kwaqedwa ngakho, uzoba yindoda ngokwenele nomnumzane ohloniphekile ngokwenele ukukwemukela na?"

Ngathi, "Impela, ngizobanjalo impela."

Wathi, "UMathewu, ngikholwa ukuthi isahluko 8, baletha kuYe owayegula nohluphekile futhi Wabaphulukisa ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa ngomprofethi u-Isaya, 'Wathatha ubuthakathaka bethu futhi wathwala izifo zethu.'"

Ngathi, "Manje-ke uqonde ukuthi ukubuyisana Ayekhuluma ngakho ngo-Isaya kwagcwaliseka lapho na?"

Wathi, "Impela."

128 Ngathi, "Manje-ke kwakungubani indoda esangweni aphulukiswa ngayo, nabo bonke abanye na?" Ngathi, "Mnumzane, lowo kwakungunyaka nezinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba kuze kwenziwe ukubuyisana, khona-ke ukubuyisana kwakunamandla amaningi ngaphambi kokuba kuqale ukusebenza kunokuba kunakho emva kokuba kusebenze."

129 Wase-ke ephuma waya emagameni akhe amakhulu futhi. Ngathi, "Umzuzwana nje." Ngathatha lomBhalo engisanda kuwusebenzisa, "Konke enikufisayo, nxa nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela, niyakuba nakho." Ngathi, "Ngabe lokho kwakufaka nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, 'noma yini na?'"

Wathi, "Awu, 'noma yini'. . ." Ngathi. . . Wathi, "Lokho kwakungesikho ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu."

130 Ngathi, "Kodwa uJesu wathi, 'Noma yiziphi izinto.' Wena uthe, 'Akukufaki lokhu,' kodwa uJesu wathi, 'Noma yini.' Manje, ubani oqinisile, wena noma Yena na? Wathi, 'Onke amazwi omuntu mawabe amanga futhi awaMi abe yiqiniso.' Ubani oqinisile na?" Ngathi, "Uzovuma, mnumzane, kwakuseZwini na?" Wazilengisa lapho.

Wathi, "KwakuseZwini kodwa hhayi ukubuyisana." A-o, khona-ke, washo into ethize engalungile.

131 Niyasazi isisho esidala, "Nika inkomazi intambo eyenele izozilengisa yona"? Izokwenza. Leso yisisho saseTexas, kodwa siyiqiniso.

132 Ngathi, "Hlala nalokho." Ngathi, "Ngesinye isikhathi kwakukhona inkosi eyayiyindoda elungileyo, eqotho, yaligcina izwi layo, yayiyindoda eqotho, yenza imithetho yayo yombuso wayo." Futhi ngathi, "Ngelinye ilanga kwakukhona isigqila esenze icala, salethwa phambi kobulungiswa benkosi, nenkosi yafunda izinhlawulo zaso, kwakungekho-kubuyisana ngakho, indoda yayifanele ife.

133 "Ngakho yathi, 'Mnumzane, asinakuxolela kwalesisono, ufanele ufe, ngifanele ngibe nekhanda lakho linqunyiwe eblokweni yokunquma ikhanda.' Futhi yaqala ukuthuthumela. Yathi, 'Awume kancane, qonda.' Yathi, 'Yini engingakwenzela yona ngaphambi kokuba nginqume ikhanda lakho, noma, ngibe nakho kwenziwe.'

"Yathi, 'Nginike ingilazi yamanzi.' Futhi ayikwazanga ukuyibamba, yayizonqunywa ikhanda layo, yayingeke nje iyibambe.

"Nenkosi yathi, 'Awume kancane, qonda. Angizukulinquma ikhanda lakho uze uphuze amanzi.' Isigqila sayiphonsa phansi."

Ngathi, "Ingumuntu olungileyo, iyaligcina izwi layo, inhlawulo yayo ithi umuntu ufanele afe, futhi izwi layo—layo ayikwazi ukuligcina."

"O," wathi, "Lokho kwakungukushelela enkosini."

134 Ngathi, "Khona-ke uNkulunkulu wenza ukushelela ukukufaka eZwini laKhe, ngaphandle kokukuvumela ekubuyisaneni. Hamba, mfowethu." Ngathi, "Impikiswano yakho izacile kunesobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe yindlala, wazi kangcono kunalokho." Yebo mnumzane, kwakuyilokho-ke.

135 UNkulunkulu unaso sonke isibusiso sokuhlenga ekubuyisaneni ngenkathi uJesu efa. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sokuthula kwethu phezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Kungokwakho ukuba ubuke futhi uphile; *nguwe*, akuyilutho engingalwenza.

136 Umshumayeli, uma eza lapha eshumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngokubeka izandla, ubeyofanele ashumayele lokho kini ngeZwi. Ukubeka izandla zakhe bekungeke kube ngaphezu kombhaphathizo, noma yini enye, wena ufanele ube nokukholwa. Uma ungenakho ukukholwa, wehla nje uyisoni esomile bese wenyuka ungesimanzi. Usalokhu uyisoni uma inhliziyo yakho ingakaguqulwa. Umbhaphathizo awusho lutho, ukuzwakalisa nje kwangaphandle ukuthi umsebenzi wangaphakathi womusa sewenziwe. Futhi akunandaba ukuthi abashumayeli babeka izandla zabo kangaki kuwe, ukuthi bakwenza kangakanani *lokhu*, akusho lutho uze ukukholwe ngempela.

137 Kwase kuthi-ke, uJesu ngenkathi Esemhlabeni, Wenza nje isibonakaliso esincane ukukhombisa abantu ukuthi WayenguMesiya, futhi bakukholwa. Futhi Wethembisa ukuthi Wayenguye izolo, namuhla, naphakade; futhi Uhlala engaleyondlela. Futhi siphetha lonyaka manje, unyaka wabeZizwe, uJesu ufikile ngesimo sikaMoya oNgcwele ukukhipha abantu, insali yabantu, abeZizwe, ngeGama laKhe, ngaphambi kokuba iziputniki ziqhume. Kuleliviki, ngethemba ukungena kukho.

138 Kulungile, asicele elinye izwi lomkhuleko, ngenkathi nina eninamakhadi omkhuleko nizilungiselela. Sizobiza amakhadi omkhuleko. Ubusuku ngaphambi kokuba siwasebenzise, izolo ebusuku asizange, kulobubusuku sizobiza amakhadi omkhuleko. Uphi uBilly na? Mbuze ukuthi akuphi lawomakhadi, ukuthi ukhipheni nokuthi mangaki. U-X, elokuqala kuya ekhulwini.

139 Nkosi, Wena unguJehova, kunamakhadi omkhuleko ayikhulu abekwe phakathi lapha, bonke uyagula, Nkosi, kungenjalo bebengeke babenalo ikhadi. Angazi nje ukuthi ngizoqala kuphi, kodwa Wena uyazi, ngisize, Nkulunkulu. Busisa abantu. Khuluma kulabo abaphandle ezethamelini, mabazi ukuthi uJesu ofanayo, umPristi oMkhulu owesifazane amthinta ngomuzwa wobuthakathaka bakhe usalokhu enguye namhlanje, futhi eziphatha futhi enza okufanayo njengoba Wayelokhu enza. AsiKubone kulobubusuku, Nkosi.

140 Futhi lapho izinhliziyo zethu zenziwe zajabula siyozizwa njengalabo ababevela e-Emawuse. Ngenkathi Ubavalele phakathi, futhi Wawuphakathi kanye nabo, Wenze into ethize ngendlela nje Owayenza ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaKho, babazi ukuthi lowo kwakunguJesu ofanayo, ngoba Wenza ngokufanayo. Kuqala waqonda ngqo eZwini ukukhombisa ukuthi WayenguKristu, khona-ke Wenza into ethize ukukhombisa ukuthi Wayevukile kwabafileyo. Bagijima base bethi, "Qiniso, Uvukile kwabafileyo. Futhi izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

141 Siphe lezozinto ezifanayo kulobubusuku. Yenza izinto kulobubusuku njengalokho nje esikhulume ngakho Owakwenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, futhi sizokwazi ngalokho, Nkosi, nabantu olapha, ukuthi Usaphila. IBandla malizithobe, nenceku yaKho, futhi sizinikela kuWe ukuthi Uzosebenza ngathi, ngakho konke kulobubusuku ukuthola inkazimulo eGameni laKho, ukuqinisa inhliziyo yababuthakathaka, ukusindisa isoni, nokuletha ukukholwa koqulekayo. Siyacela, eGameni likaKristu. Amen.

Sibize kuphi na? Ingxenye yokuqala, sibize elokuqala, asilibizanga na? Asibizanga kusukela kwinombolo...?

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

142 . . .futhi Waqalaza waze Wafumana owesifazane. Futhi Wamtshela ukuthi isimo sakhe sasiphulukisiwe, ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na? IBhayibheli lathi, lokhu kungokomuntu oqala ukufika, iBhayibheli lasho ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, nokuthi UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Awu, Ubeyokwenza kanjani uma EngumPristi oMkhulu, onguye izolo, namuhla, naphakade na? Ubeyodingeka enze ngendlela efanayo. Ngabe kunjalo na? Khona-ke ubheka kuYe, futhi ukholwe, futhi ubone.

143 Vele usho lokhu enhliziyweni yakho: "Nkosi Nkulunkulu, uMfowethu Branham akangazi, akanawo nowodwa umqondo ngami, kodwa Wena uyangazi, Nkosi, ngakho Wena ngisize, futhi mangithinte ingubo yaKho, futhi ukuqinise kimi ngokukhuluma ngoMfowethu Branham, njengoba nje Wenza kowesifazane." Bonani uma EngumPristi oMkhulu. Ngiphosela inselelo ukukholwa kwakho ukuba ukukholwe!

144 Manje, uma iNkosi ithanda, ngoLwesithathu ebusuku ngizozama ukuza epulpiti ngaphandle kokukhuluma, ngize nje, makuthi uMfowethu Vayle, noma, omunye akhulume ukuze nje sikwazi. . .Ngingathanda ukuba nibone umehluko emhlanganweni. Niyabo, ku. . .Ukushumayela kungaphansi kogcobo olulodwa, lesi yisiphiwo sokuprofetha, into ethize ehluke ngakho konke, uMoya ofanayo, kodwa ugcobo olwehlukile. Niyabo, ukushumayela, ubusisiwe futhi uyanikela, uyakuthanda lokho, bengingakwenza lokho ubusuku bonke; kodwa umbono owodwa uzokhipha okuningi kimi kunamahora ayisishiyagalombili okushumayela. Bangaki okuqondayo lokho ngomBhalo na? Impela. UJesu, owesifazane oyedwa waMthinta, Waba buthakathaka, iNdodana kaNkulunkulu; uDaniyeli wabona umbono futhi wakhathazeka ekhanda lakhe izinsuku eziningi. Niyakukhumbula lokho na? Impela.

145 Manje, ngokwazi kwami, akukho-muntu phambi kwami engimaziyo, ngaphandle kukaMnu. Goad lapha, ethatha amateyipu, uMnu. Vayle lapha, indodana yami, uMnu. Sweet emi lapho, abazalwane lapho. Kodwa phambi kwami, kuvulandi osesitezi nasezindaweni zonke, wonke lowo oyizihambi kimi, phakamisa isandla sakho, ndawo zonke. Kulungile. Kodwa uyaqonda ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ngaphambi kokuba uze ufike emhlabeni. Uyakukholwa lokho na?

146 Bangaki okholwayo ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka na? IBhayibheli lathi kuneziphiwo ezinhlanu ebandleni, "UNkulunkulu umisile eBandleni abaphostoli," noma izithunywa zenkolo, "abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi." Qiniso. Uma kukhona umphostoli, kukhona umprofethi; uma

kukhona umprofethi, kukhona umfundisi; uma kukhona umfundisi, kukhona umelusi, noma umvangeli. Niyabo? Ungeke nje uthi kukhona umelusi nomvangeli, futhi akukho-mprofethi, noma umphostoli. UNkulunkulu usalokhu ehleli . . . Inqobo nje uma EneBandla laKhe, Usenalo iBandla laKhe elihleziyo. Impela.

147 Manje, anibeki izandla omunye komunye ngenxa yalezoziphiwo, "UNkulunkulu umisile eBandleni." UJesu Kristu wayeyiNdodana kaNkulunkulu kusukela ensimini yase-Edene, wabikezela iNzalo yowesifazane. UJohane umBhaphathizi wayeyiphimbo lomemeza ehlane iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, "iphimbo lomemezayo ehlane." Bangaki okwaziyo lokho na? Impela. Bangaki owaziyo ukuthi uJeremiya 1:4 uthi, "Ungakabunjwa nasesizalweni sikanyoko Ngakwazi; futhi Ngakungcwelisa, futhi ngakubeka umprofethi ezizweni." Iziphiwo nokubizwa akusikho lokho okwenziwe ngomuny'umuntu, kuyilokho uNkulunkulu akwenzile. Bayazalwa, bavuswa kanye nabo, yilokho uNkulunkulu akwenzile.

148 Manje, Ubiza abanye bethu ukuba bashumayele, abanye bethu ukuba bafundise, abanye bethu benemimoya ehlukene yokusebenza. Manje, kuneshumi nambili, noma, iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye emzimbeni wendawo. Niyabo? Manje, kukhona isiphiwo sesiprofetho, ebesingaba kunoma yimuphi umuntu phakathi lapha kulobubusuku, futhi mhlawumbe singaphinde sibe phezu kwabo futhi, esifika sihambe nje. Kunomehluko impela phakathi komoya wesiprofetho nomprofethi. Umoya wesiprofetho ufanele wehlulelwe ngababili noma abathathu onokubona okufihlakele, ngaphambi kokuba kuze kunikezwe ibandla. Unga . . . Ngenkathi umprofethi omdala ema, u-Isaya noJeremiya, babeno ISHO KANJE INKOSI, bazalwa, kusukela embhedeni wengane kwenyuke.

149 Abelusi, abafundisi, hhayi lokho elinye ikholiji lezenkolo elikubeka ngokuhlelekile, kodwa lapho uNkulunkulu ekubeka khona phandle lapho njengomelusi noma uthisha, yilowo umehluko. Ungahle ukuba uphumele imali uma amakholiji ekuthumele; waphumela uNkulunkulu, waphumela ukusizakala kweBandla nenkazimulo kaNkulunkulu, wadingeka uphuze amanzi egatsha futhi udle amakhekhe omile kasoda, akwenzanga mehluko kuwe, washumayela ngokufanayo nje. Ugxekwa noma ungagxekwa, uthandwa ngabantu noma ungathandwa ngabantu, akwenzi mehluko, uyahamba, noma kanjani. UNkulunkulu abusise lawomadoda.

150 Abaningi babo behlezi lapha kulobubusuku, amaqhawe, agandaye umgwaqo engigijima phezu kwawo ngokukhululeka. Nama emakhoneni ezitaladi futhi nashumayela futhi naprofetha

futhi nathi kwakuza, nakhu. Yinina abenza umgwaqo, bazalwane. Lindani kuze kukhishwe imivuzo futhi nibone ukuthi ubani othola imivuzo, yinina madoda. Yebo, mnumzane. Yini enabeka izisekelo ngalolusuku lokugcina lweBandla. Manje uNkulunkulu useqalile ukungena kulesosisekelo osibekile. Kumangalisa kanjani! Ngiyalithanda leloculo, "Umkhulu kangaka, Umkhulu kangaka!"

151 Ngabe lona ngowesifazane wokuqala na? Kulungile, manje ngicela ukunakisisa kwakho okwemizuzu embalwa nje. Manje, ningayaluzi, hlalani nithule ngempela, hloniphani ngokuzithoba. Manje lapha, konke ukushumayela engikwenzile nakho konke okunye, leliBhayibheli liMmemezela ukuthi usenguye namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Manje, uma lokho kungenjalo, khona-ke lisiza ngani leloBhayibheli na? Uma kunjalo, asikusingathe futhi sife nakho, ngokuba UsenguNkulunkulu. Uma EnguNkulunkulu, Uyasigcina isithembiso saKhe; uma Engasigcini isithembiso saKhe, Akasuye uNkulunkulu. Ngakho ngiyazi ukuthi UnguNkulunkulu. Manje, nakhu lapho engimi khona: ngesiphiwo sobuNkulunkulu ukuMmela, ukuMmela; ngingazimeleli mina, angihlanganise lutho kukho.

152 Uma ningakukholwanga ebengikusho, bengingama lapha ihora nehora futhi akukho okuyokwenzeka. Nguwe owenza lokho, akusimina, ngukukholwa kwakho uqobo.

153 "Kungani ukhuphulela abantu phezulu lapha na?"

154 Awu, ngapha nginomuntu engikhethelwe yena. Izolo ebusuku bekukhona iqembu elikhulu, amakhulu eza kuKristu. Kwase kuthi-ke kwabakhona ukuqhuma okukhulu emhlanganweni, imibono iqala ukubhoboka phezu komhlangano ngaphambi kokuba uze uqale. Niyabo? Kodwa lapha kulobubusuku . . . Ngifunisise kulesosixuku izolo ebusuku, asitholanga abaningi kakhulu kulobubusuku. Ngakho ngithe nje ukukhandleka kancane, ngibize umugqa womkhuleko ukuthola umuntu omi lapha, ukuze ugcobo lukwazi ukuqala kuqala, khona-ke luzophuma lwedlule lapho. Niyabo? Kuqala, liyokwedlula oyedwa khona ngqo emsamo, liye emuva le phezulu kovulandi abasesitezi bese likuthola. Bangaki abakubonile lokho kwenziwa na? Impela. Nkulunkulu, Wena phuma nje ngqo kubantu. Abantu abami lapha emsamo abalokothi baphulukiswe, bona phandle lapho bephulukiswa. Kuncike kulokho okukholwayo.

155 Ngithola owesifazane lapha. Angikaze ngimbone lona wesifazane. Angahle abe ngumzenzisi, angahle abe ngumphikinkolo, angahle abe ngumkhohlisi, angazi ukuthi ungubani, angahle abe ngongcwele, angazi. Kodwa lesi yisithombe njengoba sasinjalo emthonjeni, owesifazane

nowesilisa behlangana okokuqala. Ngicabanga ukuthi lesi yisikhathi sethu sokuqala ukubonana. Ngabe kunjalo na?

156 Manje, uma iNkosi uJesu ihlala inguye izolo, namuhla, naphakade, uma Eme lapha egqoke lesudu Angipha yona ezansi e-Afrika, futhi uma Ubemi lapha egqoke lesudu, nowesifazane wathi, "Ngiyagula. Ungangiphulukisa, Nkosi na?" Ngifuna ukunibuza manje, qaphelani: Angamphulukisa na? Qhabo, mnumzane. Angeke akwenza lokho Asevele ekwenzile. Niyabo? Usevele wakwenza. Ubeyothi, "Ngiyisoni, ngisindise."

Wathi, "Sengivele ngikwenzile, ufuna ukukwemukela na?" Ngabe kunjalo na? Lapho uMemukela njengoMsindisi wakho siqu, njengomkhululi!

157 Manje, uma ngithe kowesifazane, njengenceku kaNkulunkulu, "Nenekazi, uyagula. Ngibeka izandla zami phezu kwakho, uzosinda." Lokho bekungaba yiqiniso; ubengazibuza ngalokho.

158 Uyothi, "Yebo, ngikholwa ukuthi uMfowethu Branham angahle abe yindoda elungileyo, kodwa lowo bekunguMfowethu Branham." Kodwa manje, uma-ke kwenzeka into ethize lapha, futhi ibuyele emuva empilweni yakhe, futhi ikhiphe imbangela yakhe lapha engingayazi futhi iyisho na? Khona-ke lokho kuthatha okungaphezu kukaMfowethu Branham. Ngabe kunjalo na? Kuthatha isiDalwa esingaphezu kwemvelo.

159 AbaFarisi bathi, "NguBelzabule."

160 Ikholwa langempela lathi, "UyiNdodana kaNkulunkulu." Ubuyokholwa ukuthi bekuyiNdodana kaNkulunkulu na? INkosi inibusise.

161 Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha bonke omoya phakathi lapha babe ngaphansi kokulawula kwami, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Hloniphani ngokuzithoba.

162 Manje, nenekazi, silapha futhi, okokuqala ukuba size sihlangane empilweni. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Cishe sazalwa ngokuhlukana ngeminyaka, ngamamayela ngokwehlukana, ngimdala kakhulu kakhulu kunawe; lesi yisikhathi sethu sokuqala sokubonana. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu, iNkosi uJesu owakhuluma nowesifazane emthonjeni waze Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona, futhi wamtshela inkathazo yakhe . . . Wena . . . Sewake wayifunda leyondaba na? Futhi wayene . . . wayephila ngokuphinga. Futhi ngenkathi Emtshela lokho, waqonda, akaMbizanga ngoBelzabule, wathi, "Mnumzane, Ufanele ukuba ngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto."

Wathi, "NginguYe, okhuluma nawe."

Futhi wagijimela emzini wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu, ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?"

163 Manje, uma Enguye izolo, namuhla naphakade, Ubezofanele enze ngokufanayo, ngoba ngikwenze kwacaca ukuthi Usevele ukwenzile ukuphulukisa. Manje, uma Ubemi lapha, khona-ke sekuvele kuphulukisiwe uma ugula, angazi noma uyagula, kodwa uma Yena. . . uma ugula, noma uma usesidingweni sezezimali, uma kuyisidingo sokomoya, uma kuyi, o, noma yini, Ubengakwembula kuwe eyiNdodana kaNkulunkulu, uma uBaba ubeyokwembula kuYe, ngoba Wathi, "Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise kuqala." Uma Ezokwenza lokho, uzokwemukela na?

164 Ngabe izethameli zizokwenza okufanayo na? INkosi inibusise manje. Hloniphani ngokuzithoba.

165 Wena uthi, "Mfowethu Branham, uyabambezela."

166 Yebo, mnumzane, ngilindele lokho, ugcobo lwami. Uma kungafiki, ngifanele nje, awu, ngikhulule izethameli bese ngiya ekhaya, yilokho kuphela engikwazi ukukwenza. Kodwa uma Kufika, kulungile.

167 Manje, uma izethameli zisengalizwa iphimbo lami, owesifazane ubonakala sengathi uyasuka kimi. Uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo, ngokuba umoya wakhe uyazi ukuthi ukuma phambi kwendoda bekungeke kumenze azizwe kanjalo. LeyoNgelosi yokuKhanya eniyibona esithombeni iphakathi kwami ngqo nowesifazane. Futhi owesifazane uyagula, afuna ngikukhulekele yisimo sokwethuka okwedlulele aphethwe yikho, futhi unesifo sokuvuvuka komphimbo ngaphakathi kanjalo, afuna ngikukhulekele. Lelo yiqiniso. Uma lokho kunjalo, nenekazi, vayizelisa isandla sakho.

168 Niyakholwa na? Manje, noma ngabe bekuyini, angazi; kuseteyipini. Kodwa makabe ngumahluleli. Manje, iNkosi uJesu efanayo eyayazi ukuthi inkathazo yowesifazane yayikuphi, ezinsukwini ezedlulayo, okokuqala behlangana, Nangu kulobubusuku esebenza ngeBandla laKhe. "NgingumVini, nina ningamagatsha," amagatsha athela isithelo. "Kuseyisikhashana, izwe ngeke lisaNgibona," lowo yilonyaka webandla, "kodwa niyakuNgibona," iBandla esikhathini sokuphela, "ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini esikhathini sokuphela."

169 Manje, wena uthi, "Ukuqagelile lokho, Mfowethu Branham," noma ngabe bekuyini.

170 Isifo nje, noma okuthize, ukuhlupheka na? Kulungile. Ngibuze umfana wamateyipu, ukuthi bekungukuhlupheka nje, noma isifo. Asikhulume nowesifazane, niyabo, khona-ke, ngakho kuzosusa zonke izinkolelo-ze kuwe. Kungahle kube khona okunye okungalungile ngaye, angazi.

171 Uma kukhona, ungacabangi ngakho, nje—nje, qhubeka, yiba nguwe, kholwa nje ukuthi useBukhoneni baKhe.

172 Yebo, owesifazane unesifo sokuvuvuka komphimbo esinokwethuka, unokwethuka ngokwedlulele, futhi, uhlala eqathaza izinto. Futhi unothile enhliziyweni yakhe, lowo ngowesifazane osekhulile, unezingwengwezi emehlweni akhe, lowo ngumama wakhe. Futhi ngaphandle kwalokho, unomntwana amkhulekelayo, nalowomntwana unohlobo oluthile lwamalumbo, uhlobo lokuquleka, ngukudlikiza. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiqiniso, nenekazi, akunjalo na? Vayizelisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Uyakholwa ukuthi uKristu uyasiphendula isicelo sakho manje na? Hamba ukuthole ngendlela okholwa ngayo, futhi kuzoba ngaleyondlela. UNkulunkulu akubusise.

173 "Uma ukholwa!" Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba manje, ahloniphe ngokuzithoba. Angazi nje ukuthi bekungenzekani. Angazi noma izethameli ziyakwazi yini lokho okulapha. Manje, uzofanele uvume ukuthi leso yisimangaliso. Bangaki owaziyo ukuthi leso yisimangaliso na? Ngabe Usazenza izimangaliso na? Manje, kungavela kuphela emithonjeni emibili: udeveli, noma uNkulunkulu. Ngifuna noma ubani angitshele ukuthi kukuphi lapho abake bezwa khona udeveli eshumayela iVangeli futhi ecela izoni ukuba zize ekuphendukeni. Wake wakubona nini kusebenza na? Akukwenzi. AbaFarisi babecabanga ukuthi kwakuyikho, uJesu wathi ukukhuluma ngokumelana naWo ngenkathi uMoya oNgcwele wayekwenza, bekungeke kuthethelelwe. Bangaki okwaziyo lokho na? Ngakho hloniphani ngokuzithoba.

174 Siyizihambi omunye komunye, angikwazi. Uma iNkosi uNkulunkulu wethu izokwembula ukuthi umeleni lapha, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, ukuthi Uvukile kwabafileyo futhi uyaphila kulobubusuku na? Ulapha ukuba ngikhulekele i—indawo efanele ihlinzwe, yisimila. Kunjalo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi sikuphi lesosimila, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Sisohlangothini lwakho lwangakwesokudla. Kunjalo. Hamba, kholwa manje, awuzukudingeka ukuba ube nokuhlinzwa kwakho.

175 Ngicabanga ukuthi siyizihambi, mnumzane. INkosi uJesu ngesinye isikhathi enkonzweni yaYo emva kokuba sekwenziwe okunjalo, kwakukhona indoda egama linguFiliphu eyahamba futhi yafumana uNathanayeli, futhi yaletha uNathanayeli emhlanganweni. Futhi kwakukhona amadoda amabili ahlangana, uJesu noNathanayeli, okokuqala ukuba baze bahlangane, Wathi, "Uyindoda elungile, eqotho." Wayengaba ngumzenzisi, wayengaba ngokaMohamede, wayengaba, noma, wayengumkhonzi wesithombe esithize, uJesu wayazi ukuthi

wayengumIsrayeli, wamtshela ukuthi wayekuphi ngaphambi kokuba afike.

176 Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukubonana. Uma uJesu ehlala. . .

177 Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Umbono usukile endodeni, ibiza ekuKhanyeni. Manje hloniphani ngokuzithoba, sizani ningayaluzi, niyabo, ngamunye wenu ungumoya, asibhekene nokwemvelo manje, sibhekene nokomoya. Ngamunye wenu unomphefumulo, unomoya, ukungakholwa okukodwa nje okuncane, ungakuzwa. Umnyakazo owodwa nje omncane. Kubonakala sengathi yonke into isihleliwe.

178 "O," wena uthi, "Mfowethu Branham, kwakunini lokho eBhayibhelini na?"

179 Ngenkathi uJesu eyovusa indodakazi kaJayiru, bonke babeqhubeka, Wabakhipha bonke endlini; Wahola indoda ngaphandle kwesixuku, ngaphandle komuzi ngisho, wayinika ukubona kwayo.

180 Ushiywe ngesizathu esithize, mnumzane, kodwa Ulungile, Uzobuya. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi uzele ini lapha, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uzokwenza na? Nakhu futhi. Uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo manje. Uphethwe yinto ethize emhlane wakho, yisimo somgogodla, futhi kukubangele ukuba ube nokwethuka ngokweqile. Futhi uvuka ebusuku unenkathazo yendlala yesinye, kukubangele. . . Naso isihlalo sokwethuka kwakho. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Ngaphandle kwalokho, ungumshumayeli. Lokho kunjalo. Futhi ukhulekela omunye, indodana engumzukulu, udaba lovendle. Uyakholwa ukuthi BekunguNkulunkulu na? Khona-ke kuthole ngendlela okukholwe ngayo. UNkulunkulu akubusise.

181 Asazani na?

182 Uvela kulezizigaba. . .Hlonipha ngokuzithoba ngempela, ungangabazi, kodwa kholwa yonke into. Nakhu, yizithandani ezindala zihlezi khona lapha, lowo othandekayo, umama omdala engibuka, uphethwe yinkathazo yenyongo. Lowo ngumyeni wakhe omncane ohlezi eduze kwakhe, futhi unesifo sokucinana kwemithambo. Naleyondoda ibiyisosha, ngokuba ngiyibona empini, igqoke esincane, isigqoko sokuzivikela esiyindilinga. Yigesi eyabangela ukuba ube nesifo sokucinana kwemithambo, futhi uyisosha laseMpini yokuQala yoMhlaba, ISHO KANJE INKOSI.

183 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. "Uma ukholwa!"

184 Uhlezi emuva ngqo ngemuva lapho, inkathazo yenyongo, uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu iyakusindisa, nawe, inenekazi nelincane, itshali elibukeka liluhlaza satshani na? Ube nomuzwa oxakile ngempela okushayayo ngenkathi ngithi *inyongo*

kulelonenekazi, awuzange na? Bekukhona umusho omnyama phakathi kwenu nobabili, futhi sekuhambile kokubili manje, ukukholwa kwenu kunisindisile. UNkulunkulu anibusise.

185 UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla . . . Nina bantu, noma ngabe ubungubani obiziwe, uma ngingazi lutho ngawe, futhi ngingakaze ngikubone empilweni yami, phakamisani izandla zenu, uma lokho kunjalo lapho. Nakho lapho okhona. Kuyini na? Angikaze ngibabone abantu. Kumeleni na? UJesu, Lowo owafa wabuye wavuka, futhi wethembisa ukuba seBandleni laKhe futhi enze into efanayo, Nangu. Ukukholwa kwabo kubaphulukisile. Unokukholwa futhi ukukholwa.

186 Uyinenekazi elifanele likhulekelwe na? Angikwazi, akukho-ndlela yokuba ngikwazi. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukubonana, kodwa uNkulunkulu uyayazi impilo yakho nenhliziyo yakho. Uma Ezongembulela okuthize owaziyo ukuthi angazi lutho ngakho, uzokwemukela yini, wazi ukuthi wena nami sizoma eBukhoneni baKhe ngezinye zalezizinsuku ukuba sizilande na?

187 Ubunokuningi ukwehla nokwenyuka empilweni kunjalo, uzama kanzima ukunqoba, umudwa omnyama emva kwakho, kodwa manje, lokho akusikho omi ngakho lapha, uzivumile izono zakho, ziphansi kweGazi. Kodwa umele umngane lapha, nalowomuntu usesibhedlela, usanda kuba nengane nje, futhi ubenohlobo oluthize lokuhlaselwa, leso yisimo sesifuba somoya, sicishe sathatha impilo yakhe, futhi umfunela umkhuleko. Uyakholwa ukuthi uzophiliswa na? Hamba, ukuthole ngaleyondlela. UNkulunkulu akubusise.

Hloniphani ngokuzithoba nje.

188 Sawubona, mnumzane? INkosi uNkulunkulu isazi sobabili. Uyindoda endala kakhulu kunami. Ngicabanga ukuthi lesi yisikhathi sethu sokuqala ukubonana. Bengiyoba ngumzenzisi ngokwenele ukuba ngime lapha, endodeni engangawe, ukuba bengingacabanganga ukuthi bengingenza okuthile ngoKristu engisiza ukuba ngisize wena, mnumzane na? Ukuba ubaba wami omdala ubeyophila, ubeyocishe abe nguntanga yakho, ngiqagele. Bengiyonikela noma yini kulobubusuku ukuba ngimbone, usedlule ngaphesheya kweveli. Uyohamba ngolunye usuku futhi kanjalo nami. Ngingenza kuphela okuthize ukukhonza okungcono ukwedlula konke uNkulunkulu ayongipha ikhono lokukwenza ukukusiza.

189 Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi, futhi angitshele into ethize esempilweni yakho, noma into ethize oyizele lapha ukuthi uyazi ukuthi angazi lutho ngakho, bekuyokwenza uzizwe sengathi ubungakwemukela na? Uma Azi ukuthi ubuyini, impela Uzokwazi ukuthi uzoba yini. Uma bengiyothi, "O, uzoba yi*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*," ubuyoba nelungelo lokukungabaza lokho, kodwa uma Ekutshela ukuthi kwakuyini,

uma Azi ukuthi kwakuyini, khona-ke ngempela Uzokwazi ukuthi kuzoba yini.

190 Unenkathazo yenhliziyo. Futhi ngiyakubona uzama ukwenza umsebenzi wakho futhi uyagoba nesandla sakho sisedolweni lakho, unesifo samathambo, kunjalo impela, inkathazo yenhliziyo nesifo samathambo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe, mnumzane na? Omunye umuntu enhliziyweni yakho. Uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu ibingamphilisa umkakho, naye, olapha nawe na? Unenkathazo yeqolo enzima. Kunjalo. Lelo yiqiniso. Mnu. Barker, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa futhi aphulukise umkakho, naye na? Khona-ke hamba ukuthole ngaleyondlela. UNkulunkulu makadunyiswe.

"Uma ukholwa!"

191 Ukuba-ke angikutshelanga lutho, futhi ngikutshele ngenkathi usahlezi esihlalweni ukuthi uphulukisiwe na? Ubuyokukholwa na? Uyakukholwa ngakho konke . . .? Qhubeka nje nendlela yakho, ngoba unjalo.

192 Ukuba-ke bengikutshele ukuthi ubungadla ukudla kwakho kwakusihlwa, inkathazo yakho yesisu isihambile, ubuyokukholwa na? Hamba, udle.

193 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengasiphulukisa isifo sikashukela futhi akusindise na? Qhubeka nje uhamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi, ngisindise." Ungaba nakho.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

194 Ukwethuka nenkathazo yesisu, futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa na? Hamba ngendlela yakho, uthokoze futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

195 Woza, mnumzane. Inkathazo yenhliziyo nokuhlushwa isifo samathambo esincane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa na? Qhubeka nje uhamba.

196 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisela lesosifo sikashukela na? Khona-ke phakama nje, ulokhu uqhubeka, ulokhu uhamba, ukholwa.

197 Buka lapha, nenekazi eliselincane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisela leyonkathazo yabesifazane na? Qhubeka nje.

198 Inkathazo yenhliziyo nokwethuka, qhubeka nje nokuhamba.

199 Isimo sesifuba somoya, yiba ulokhu uqhubeka nje, ukholwa uNkulunkulu.

200 Woza, mnumzane. Isifo sikashukela asilutho eNkosini uNkulunkulu, qhubeka nje uhamba, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

201 Ucabangani, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Angikwazi, ngiyakwazi na?

202 Manje, umzuzwana nje, ngiyacela. Kukhona okwenzekile ezethamelini. Leyondoda, ngabe uwena obusemsamo njengamanje, mnumzane na? UkuKhanya kuzungeza-. . . Qhabo, yinenekazi elisemva kwakhe ngqo ekugcineni emuva lapho, lihlushwa yizinkathazo zangaphakathi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Yima ngezinyawo zakho bese wemukela uKristu khona-ke. UNkulunkulu akubusise. Akuhambe futhi kuphele-ke.

203 Lelonenekazi eselikhulile elihlezi lapho eceleni kwakho, lihlushwa yisifo samathambo. Ungasibeka isandla sakho phezu kwalo, nenekazi, leli elisanda kuphulukiswa na? Kukholwe manje, nenekazi. Philiswa, ngenkathi isibusiso siphezu kowesifazane, uzosidlulisela kuwe.

204 "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Niyakukholwa lokho na?

205 Kuthiwani ngawe, nenekazi eliselincane, uhlezi lapho nesandla sakho siphakamele emlonyeni wakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisela lesosifo sokuvuvuka komphimbo, akusindise na? Phakamisa isandla sakho uma ukukholwa.

Ngiphosela inselelo ukukholwa kwakho!

206 Inenekazi elihlezi eduze kwakho, likhala lapho, linezilonda kulo, nenkathazo yomlenze, nenkathazo yenhliziyo. Kunjalo, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Phakamisa isandla sakho.

Khulekani. Abanye benu Mthinteni.

207 Nangu omncane, owesifazane omdala, ehlezi lapha nalezimbali esigqokweni sakhe, isandla sibheke phansi, ekhuleka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ukhuleka mayelana nani na? Obukeka eyisithandwa, omncane, umama omdala, ukhulekela umfana, indodana engumzukulu inovendle. Kunjalo, akunjalo, nenekazi na? UNkulunkulu akubusise.

Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ukhuleka mayelana nani na? UnguNkulunkulu!

208 Ngabe yilelinenekazi na? Ngabe leli . . .? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uyangikholwa na? Ngiyabonga. Unezikhwanyana ezincane ezinobomvu emzimbeni wakho wonke. Kunjalo. Yebo. Futhi Uzokutshela ukuze uqiniseke ukuthi wazi, unomuntu lapha kanye nawe ozofanele ahambe, umzala, unenkathazo yesifuba. Mtshele ukuthi sekuphelile. Angaya ekhaya, noma kanjani. Nenekazi, ungowaseCanada ovela eNew Brunswick. Kunjalo. Kunjalo. Awusho, unguNkk. Ashfield. Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze.

209 Niyamkholwa uNkulunkulu, ngayo yonke inhliziyo yenu na? Khona-ke sukumani ngezinyawo zenu futhi niMnike udumo nenkazimulo, futhi nonke ningaphulukiswa ngaso kanye lesisikhathi. Phakamisani izandla zenu futhi nicule, "NgizoMdumisa, ngizoMdumisa."

Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba... [Akuqoshwanga eteyipini. Ibandla licula elithi NgizoMdumisa—Umhl.]

